# ImiMoya Eyengayo

Sanibona, bangane. Ngiyajabula ukuba lapha kulokhukusa, nokwazi ukunibona nonke niphumile, sikholwa ukuthi iNkosi inathi namhlanje, kusinika ithunzana elithize, ukuthi akuzukushisa kangako etabernakele mayelana nenkonzo yasekuseni. Futhi manje si . . .

2 Ngiyakholwa, ngabe bakhona abantwana . . . Ngabe abantwana sebekhishiwe baya emaklasini abo, Mfowethu Neville na? Ngibone abanye abafo abancane. Angazi nje noma sebewakhiphile yini amaklasi babuyela kwe—kwezinye izindawo zabo, bangena endlini yabo kaSonto sikole.

3 Manje, ngikhulekeleni. Nginesinqumo esikhulu ebengifanele ngisenze izolo ebusuku, futhi ngifanele ngisenze namhlanje. Futhi ibandla alikhuleke. Ngino—nginomhlangano ozolandela, ukhona impela emgqeni weKhethini leNsimbi eJalimane, ngakho kuyathinta kancane. Futhi ngikhulekeleni. Futhi ngakho, kunjalo, singaqala khona manje kulesositadiyamu esikhulu sekhilikithi eJalimane, uHitler asenzayo ngaphambi nje kwempi, indawo enhle enkulu, ihlala abantu abayizinkulungwane ezingamashumi ayisishiyagalombili. Futhi singaba naso ubusuku obulishumi, ngqo. Futhi ngakho sethemba ukuqala phakathi lapho khona manje, bese-ke siwelela eLa Salle Lorrain, eFulansi, elandelayo, bese kuba seBerlin, ngibuye . . . Ngiqonde, iBerlin phakathi kwalokho ne—neFulansi.

4 Bese siyabuya-ke, iNkosi ivuma, engqungqutheleni eChicago. Iqala, ngiyacabanga, zinhlanu, ziyisithupha, ziyisikhombisa, ziyisishiyagalombili, nangomhla ziyisishiyagalolunye, yingxenye yami eChicago, yengqungquthela e—ebandleni laseSwidi. Futhi-ke bango, Mnuz. Boze, abanye benu abavela ngaseChicago, banengqungquthela ebizobakhona kule ezayo . . . iqala lulunye kuAgasti, noma lulunye kuSeptemba, ikhona, eSwidi. Futhi ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi ukungivotela kwabo, ukuba ngiwele, futhi bekungokwezwe lonke futhi ngekhulu ekhulwini. Ngijabule kakhulu ngalokho, kodwa kuphakathi kokuthi ngiye lapho noma ezansi lapha manje. Khulekelani ukuthi iNkosi izongiholela nje ngqo endaweni lapho imiphefumulo eminingi izosindiswa khona, futhi okuhle kunakho konke kuzokwenzelwa uMbuso kaNkulunkulu. Manje, banengqungquthela enhla lapho, na—nabo eSwidi, futhi uthe siyoba namashumi amabili-nanhlanu, abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu-nanhlanu zisuka nje, engqungqutheleni, futhi abaningi babo abantu abangasindisiwe.

5 Bese-ke kuba sezansi lapha eJalimane, awu, banestadiyamu esihlala izinkulungwane ezingamashumi ayisishiyagalombili. Kusobala, thina, eSwitzerland lapho esisanda kusuka khona, saba nomhlangano omangalisayo lapho, futhi abaningi benu mhlawumbe abakaze bezwe namanje. INkosi yasibusisa kakhulu, saba nezinkulungwane ezingamashumi amahlanu ezaphendukayo ngobusuku obuhlanu, e—e—eZurich, eSwitzerland.

6 Futhi ngakho, uMfowethu Jack Shuler, abaningi benu bayamazi, uyiMethodisti, omdala umfana kaBob Shuler. BaseBelfast manje, futhi—futhi bathi nje bayayigumbuqela indawo, lapho, ngeVangeli, futhi kukhulu ngisho ukwedlula lokho uBilly Graham abe enakho emhlanganweni wakhe. UJack uyinsizwa enhle kabi, ugcwele intshisekelo nothando. Futhi u—uqotho kakhulu nje kukho ngize ngikholwe ukuthi uyinceku enkulu yeNkosi. Futhi mkhulekeleni uMfowethu uShuler. Futhi—futhi kwakunguJack Shuler, noJack MacArthur futhi ukanye naye. UMfowethu Jack MacArthur ungumshumayeli omkhulu, naye. Futhi lapho banamadoda ebandla athi kuyimvuselelo enkulu kunazo zonke eseyake yashaya iIreland. Ngakho kakhulu si. . . Hambani niye emkhulekweni nsuku zonke ngenxa yalawo—ngenxa yalawomadoda. Bobabili bayizinsizwa, ngaphansi, lapha emashumini amane, ngiqagele, noma ngaphansi, imindeni nokunjalo, futhi abalungile abashumayeli beVangeli abaqinile, futhi siyabathanda.

7 Futhi manje, ngi—ngikhulekela ukuthi ningangikhohlwa, ukuthi, futhi uNkulunkulu uzongivumela ngenze isinqumo esifanele khonamanje. Kukhona izikhathi lapho ongazi khona ukuthi ufanele ubheke ngaphi. Senake nangena ezindaweni ezinjalo na? Ngikholwa ukuthi uPawulu wake wangena endaweni enjalo ngesinye isikhathi, akazange na? Kwakuphakathi kwemingcingo emibili. Futhi ngenkathi ewela, ngani, wabona ingelosi embonweni eyamtshela ukuthi, "Welela eMakedoniya." Ngakho iNkosi isenayo iNgelosi yaYo, Ayinayo na? Uma nje ngingazithoba enhliziyweni yami ngakho njengoba wayenjalo uPawulu.

8 Futhi manje, kulobubusuku, khumbulani izinkonzo zeVangeli lapha etabernakele, wonke umuntu aphume. Nina enizungeze iLouisville, ngizokhuluma eBandleni loMnyango oVuliweyo, kulobubusuku, amahora athi awabe mabili, ligamenxe elesikhombisa kuze kugamanxe elesishiyagalolunye, kwaMfowethu Cobbles. Bengizoza kabili lapha. Futhi-ke uyindoda ekahle kakhulu, futhi uthumele. Futhi uMfowethu Cobbles, uyindoda ehloniphekile enhle kakhulu, umfowethu. Nina, ngineqiniso nimejwayele, umfowethu omuhle kakhulu, futhi nje bekungabanzima ukumenzela phansi kanjalo. Khulekani. Phezu kwezinto zonke, khulekani, futhi nikhulekele

ukuthi uNkulunkulu uzosipha i—isinqumo esifanele ukuba sisenze.

9 Manje, ngaphambi kokuba siqale uMlayezo weVangeli, sinokusa esikubekele ukubusisa abantwana abancane. Futhi nginomufo omncane lapha ozobusiswa, naye, eNkosini. Manje, izikhathi eziningi emabandleni amaningi . . .

Nizwa kahle, emuva le na? Uma nizwa, kulungile na? Lezizishayisamoya lapha, ngivele nje, awukwazi ukuzizwa. Qha, lokho, kulungile. Ngesaba ukuthi ngizobhubha ngaphandle kwaso.

10 Ngakho a—abantwana abancane, ngezinye izikhathi bayabafafaza, ebandleni, uma beseyizinganyana ezincanyana. Futhi, kusobala, lokho kuvela ebandleni eliKatolika, ngokwenza amakristu abantwana abancane, noma "ukubabhaphathiza" lapho bebabiza ngenkathi besengababafo abancane nje. Ibandla lamaMethodisti laphuma nakho, okombhaphathizo wezingane ezisancela ibele, namaningi, futhi ngicabanga ukuthi namanye amaningana. Ngicabanga ukuthi yilowo mehluko phakathi kweNazaretha neMethodisti eyimfashini endala, kwakungumbhaphathizo wezingane ezisancela ibele, bese kuba ukuqembuka okuncane nokunjalo. Kodwa, noma kungayiphi indlela, akukwenzi, angicabangi ukuthi kunendaba kakhulu kangako. Ngoba, empeleni, ngicabanga ukuthi iKalvari iqeda konke, khona lapho, kukho konke okwakho, ngoba uJesu wafa lapho ukusindisa abantwana abancane futhi wasindisa izwe.

11 Futhi umntwana omncane, akunandaba ukuthi hlobo luni lomzali okunalo, ukuthi uyisoni esingakanani, lokho bekungenze-mehluko, ngokuba iGazi likaJesu Kristu liyamhlanza, niyabo, futhi leli yiWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe. Leyongane ayikwazi ukuphenduka. Ayazi ukuthi kuphendukwa kanjani. Akunazizathu zokuba lapha, ngesingakho. Kungeke kwakutshela ukuthi kungani kulapha. Kodwa uNkulunkulu wakuthumela lapha, neGazi likaJesu Kristu liyakuhlanza ngawo lowomzuzwana okufika ngawo ezweni. Futhi kuba kanjalo kuze kube sebangeni lokuthi kuziphendulele, khona-ke sekuyakwazi okuhle nokubi, bese kuthi okukwenzayo sekufanele kuphenduke ngalokho okukwaziyo ukuthi kwenze okubi. Kunjalo. Ngakho, amanye awo ayabafafaza, futhi acabanga ukuthi abayi eZulwini.

12 Futhi kukhona ukufundisa okuthi uma ingane izalwa abazali abanoMoya oNgcwele, awu, ingane iyoya eZulwini; kodwa, uma kungenjalo, akukho-ndawo, ingane nje ayikho-ndawo. Lokho ukweduka uqobo. Kwenza mehluko muni ukuthi abazali abanoMoya oNgcwele na? Konke kuyisifiso socansi, nengane izalwa ngendlela efanayo. Ngakho, konke "kuzalelwe esonweni, kwazalwa ebubini, kwafika ezweni kukhuluma amanga." Lokho, lokho amagama angokomBhalo akho.

13 Ngakho, khona-ke iGazi likaJesu Kristu lihlanza futhi lenze ukubuyisana kwalowomntwana. Uma kufile, ngokuphelele uyohamba aqonde eBukhoneni bukaNkulunkulu, uma kwazalwa ngabazali abayizoni ezinkulu kunazo zonke ezweni, kuze kube yibanga lokuziphendulela lapho osekwazi khona okuhle nokubi. Bese kuthi-ke okukwenzayo, kusukela lapho, kufanele kuthethelelwe ngenxa yalokho. Kufanele kuzicelele ukuphenduka kwakho kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke. Kodwa ngenkathi kuseyingane . . .

14 Manje, indlela esizama ukulandela ngayo. Lapha etabernakele yiyona-ndawo kuphela ezweni engiya kuyo, ngishumayela iMfundiso, kulapha etabernakele, ngoba leli yibandla lethu. Futhi sishumayela iMfundiso lapha ukugcina abantu bemi emgqeni. Amanye amadoda, emabandleni awo, ashumayela noma yini ayikholwayo. Futhi angabafowethu, futhi singehluka kancanyana, kodwa siselokhu singabafowethu nje ngokufanayo. Futhi, kodwa lapha etabernakele, sifundisa lokho esicabanga ukuthi kuyiMfundiso yangokomBhalo. Futhi, phakathi lapho, sibona lokho okokubusiswa kwabantwana, esikubiza ngokubusiswa, okuyisona sikhathi kuphela eBhayibhelini esingathola ngaso, noma lapho khona eTestamenteni eliSha lapho khona abantwana abancane kwake kwenziwa khona okuthize, noma uKristu ake enza okuthize kukho emgubhweni, kwakungukuthi, Wabagona wabeka izandla zaKhe phezu kwabo wase ebabusisa, wayesethi, "Vumelani abantwana beze kiMi. Ningabenqabeli, ngokuba uMbuso kaNkulunkulu ungowabanjalo."

15 Manje, sishiywa, njengoba siqonda, nokuba siqhube umsebenzi Afikela uku—ukuwufeza. Ukufa kwaKhe eKalvari, Wayenathi futhi Wasuka e . . . uvela kuNkulunkulu, wangena ezweni, wabuya evela kuNkulunkulu, noma evela ezweni wangena kuNkulunkulu, futhi wabuya futhi esesimweni sikaMoya oNgcwele, futhi unathi, ukithi, kuze kube sekupheleni kwezwe, eqhubeka eBandleni laKhe nomsebenzi ofanayo Awenzayo ngenkathi Eselapha emhlabeni. Futhi, ngalokho, sithatha abantwana bethu omunye kuya komunye, kubefundisi, futhi bayabakhulekela, babeke izandla zabo phezu kwabo futhi babanikele uNkulunkulu. Umgubho omncane nje ukusho ukuthi siyakuthakasela iNkosi esenzele khona nabantwana abancane.

16 Manje, uma ingane yakho ifafaziwe, noma ngabe kungandlelani ebandleni lakho, cabanga. Asisho nokukodwa okuphambene nalokho. Kulungile. Kodwa, ngokomBhalo, sithola indawo eyodwa kuphela, yilapho uJesu ababusisa khona, qobo lwaKhe. Lokho ngizokufunda, iNkosi ithanda, e—eZwini lapha. Sithola, kuLuka oNgcwele i . . . Ngikholwa ukuthi yi—yisahluko 10, futhi siqale ngevesi 13.

*Khona baletha kuye abantwanyana, ukuba abaphathe: kepha abafundi bakhe babakhuza ababalethayo.*

*Kodwa uJesu ekubona, wathukuthela, wathi kubo, Vumelani abantwana beze kimi, ningabenqabeli: ngokuba umbuso kaNkulunkulu ungowabanjalo.*

*Ngiqinisile ngithi kini, Yilowo nalowo ongamukeli umbuso kaNkulunkulu njengomntwana, kasoze angena kuwo.*

*Wabagona, wababusisa*, futhi *ebeka izandla phezu kwabo*.

17 Lokho kuyathandeka na? Wathi, "Manje, vumelani abantwana beze kiMi. Musani ukubenqabela, ngokuba abanjalo, onjengalowomntwana, nguMbuso kaNkulunkulu." Wabagona wababusisa.

18 Manje, besingathanda kanjani, kulokhukusa, ukuba nje besingaba noJesu ehlezi, engumuntu, lapha emsamo, sithi, "Nkosi, Ungangibusisela umntanami na?" O, okungaka. . . okwamehlo ethu obuntu nezinhliziyo zethu zilangazelela ukubona lokho. Kodwa Ukhona lapha, empeleni, ngokuba Usinika umyalo ukuba sikwenze. Futhi, njengoba senzile, Ukwazisa kanjalo. Semukela labo Abathumileyo, seMukela lowo amthumileyo, niyabo. Ngakho, Ukhona lapha kulokhukusa. Futhi uma uDadewethu Gertie ezokhuphukela opiyaneni futhi adlale iculo lethu elidala esasivamise ukulicula kudala, leli, "Bangeniseni, lethani abancane kuJesu." Ngikholwa ukuthi lisencwadini lapho ndawo ndawo. Anginaqiniso. "Lethani abancane kuJesu." Futhi uma unengane, ingane encane engakabusiswa, futhi ufuna ukuyibusisa kulokhukusa, ngani, sizojabula ukukwenza.

19 Futhi ngabe bakhona abefundisi endlini, abashumayeli abangathanda nje ukwenyuka futhi bame kanye nathi lapha sisanikela lababantwana eNkosini na? Sizojabula ukubanani, njengoba niza. Kulungile, ngabe lisencwadini lapho na? Uyalithola, Mfowethu Neville na? Alikho lapho. Kulungile, bangaki kolaziyo, *BaNgeniseni na?* Kulungile, asilicule manje. Wonke umuntu kanyekanye, omama besaletha izingane zabo. Kulungile. Kulungile.

> . . . ngenisen', bangenisen',
> Bangenisen'baphume emasimini esono;
> Bangenisen', bangenisen',
> Lethani abazulayo kuJesu.
>
> Bangenisen', bangenisen',
> Bangenisen' baphume emasimini esono;
> Bangenisen', bangeniseni',
> Lethani abancane kuJesu.

20 Sizoke sikhothamise amakhanda ethu isikhashana. Baba wethu waseZulwini, abami bezungeze i altare kulokhukusa kumi omama nobaba bebambe izizukulwane zabo ezincane ngezingalo zabo, Wena obaphe zona ngomusa. Babonga kakhulu

ngazo, Nkosi, futhi bazikhuphulela lapha e altare kulokhukusa, endlini kaNkulunkulu, ukuzibusisa, banikela izimpilo zazo kuWe. Uphile Wena. Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzozondla futhi uzibusise ngayinye yazo. Zihole, futhi sengathi iziNgelosi eziqaphayo zikaNkulunkulu zingalinda yilowo nalowo. Ziphe izimpilo ezinde zokujabula nokuthokoza. Sengathi zingakhula zibe ngabesilisa nebasefazane bakaNkulunkulu, bakusasa, uma likhona ikusasa.

21 Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi Uzokhulisa abashumayeli nabaprofethi nabafundisi kuleliqembu lezingane elizungeze i altare kulokhukusa. Futhi lapho sesigugile futhi singasakwazi ukuqhubekela phambili, ukhona ozofanele asise kwizindawo ngezindawo, sengathi singakwazi ukuma futhi sizwe iVangeli lishunyayelwa yilaba olapha namhlanje. Siphe khona, Nkosi. Futhi ngelinye ilanga lenkazimulo uma sekwedlule konke, izimpilo zethu seziphelile, lababazali abazungeze i altare, sengathi singaba njengoJakobe wasendulo lapho ebusisa bonke abantwana bakhe futhi wabatshela ukuthi isiphetho sabo siyoba yini osukwini lokugcina. Wase-ke ebheka phezulu, wathi, "Niyazi, ngizobuthana nabantu bakithi." Futhi ngelinye ilanga lenkazimulo, yena nazo zonke izizukulwane zakhe, ukuba zibuthane ndawonye ezweni elihle kakhulu. Akumangalisi uBalamu athi, "Ukuphela kwami makube njengokwakhe." Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzopha lezizibusiso phezu kwabazali.

22 Futhi manje njengoba sesiyobeka izandla zethu phezu kwabo, e—esimangalisa kangaka pho. . . Nokuthi Ukwenze ngokuthobeka okungaka, Nkosi, ukuthi thina bantu balomhlaba siyoba nenhlanhla yokubusisa abantwana abancane eGameni laKho, sazi lokhu, ukuthi, esikucelayo, siphiwa khona. Njengoba sesiyobabusisa, sengathi uJesu, uMuntu ongabonwa konke, Lowo onamandla onke ame eduze futhi abusise umntwana ngamunye lapho sibeka izandla zethu phezu kwabo futhi sibanikela kuYe. Ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen.

23 UMfowethu Glenn Funk, unabantwana bakhe abathathu abancane ukuba banikelwe eNkosini.

[Akuqoshwanga. UMfowethu Branham ubusisa izingane—Umhl.]

Wawune—nelincane, ikamelo elidala, le ngaphambili ezweni lasenyakatho, Wangethembisa lomntwana. Baba, sengathi izibusiso zaKho zingahlala phezu kwakhe.

Joseph, mfana wami, ngikunikela kuNkulunkulu. Futhi sengathi impilo yakho ingaba yisibusiso. Sengathi ungaba umprofethi, Joseph. Sengathi umusa kaNkulunkulu ungahlala nawe. Sengathi uNkulunkulu kayihlo, iNkosi uJesu Kristu, angakubusisa njalo, enze impilo yakho ibe yisibusiso kwabanye.

EGameni likaJesu Kristu, ngiyambusisa. Amen.

[Akuqoshwanga. UMfowethu Branham ubusisa izingane—Umhl.]

24 Niyabathanda abantwana abancane na? Okuthize ngabafo abancane ukuthi umama ngamunye efuna ukuba umntwana wakhe abusiswe.

Manje, yileyondlela uBaba wethu waseZulwini ayiyo kithina badala kulokhukusa. Ufuna thina ngamunye sibusiswe. Usethula phambi kwento ethize, nje asikhangeze khona, njengokuthi, "Nakhu, Ngifuna ubusiswe, mntanaMi." Akamangalisi na? Ngakho singamthakasela uBaba waseZulwini onomusa kanjalo.

25 Manje, ezibusisweni zezingane ezincane, niyazi, ngangifunda nje lapha emBhalweni ngelinye ilanga, ndawondawo ngapha, kwakuseTestamenteni eliDala, ukuthi i—into enkulu ngempela engayithakaselayo ukuyifunda. Nansi, khona lapha. "Wayesethi uNathanayeli kuDavide, 'Yenza konke lokho okusenhliziyweni yakho, ngokuba uNkulunkulu unawe.'" Niyabo? Yenza lokho okusenhliziyweni yakho. Futhi izikhathi eziningi ngi—ngithole lokhu, mKristu ongumngane, ukuthi ngikhulume izinto engingazi ukuthi ngingazisho kanjani, futhi ngithole ukuthi kuyofezeka. Okushoyo!

26 Kwake kwathiwa, uJesu wehla entabeni futhi Wabona isihlahla esasingenalutho kuso, amacembe odwa nje, futhi kwakungekho-sithelo, futhi Wathi, "Akungabe kusadla muntu kuwe kusukela manje."

27 Futhi ngosuku olulandelayo, edlula, abaphostoli babona amaqabunga ebunile. Wathi, "Bheka ukuthi isihlahla sishesha kanjani ukubuna."

28 UJesu wathi, "Kholwani nguNkulunkulu; konke enikukhulekelayo, nenikucelayo, kholwani ukuthi nikwamukele nizakuba-nakho. Nanoma yini eniyishoyo, niyakuba-nakho enikushoyo." Cabangani ngalokho. O! Futhi mhlawumbe namhlanje, uMoya oNgcwele omkhulu kaNkulunkulu, emi lapha e altare, wena uthi . . . Awu, alidingi ukuhlotshiswa. Alidingi ukuba yindawo ethize enkulu elungisiswe kakhulu.

29 UJakobe wake wazimbula itshe wacamela kulo, futhi lisaziwa nanamhlanje njengeTshe leQebelengwane. Noma, iTshe leQebelengwane, ukuthi amadoda amakhulu asemhlabeni asaliphatha ahambe nalelotshe; ukuba kugcotshelwe amakhosi phezu kwalelitshe, itshe elidala nje elejwayelekile elisendle.

IBethele laliyinqwaba yamadwala nje elakanyene, futhi liba yindlu kaNkulunkulu, indawo yokuhlala. UJakobe wathi, "Akusiyo enye indawo lena yindlu kaNkulunkulu." Inqwaba nje yamatshe elakanyene.

30 Akuthathi izinto ezinkulu ezilungisiswe kakhulu. Kuthatha ubulula nokukholwa ukukholwa, yilokho okukuthathayo. Kwenziwa yilokho.

31 Manje, ngokwazi ukuthi isikhathi masinya siyabaleka, sizozama ukunganibambi isikhathi eside kakhulu, ngokwazi ukuthi kuyashisa nebandla liminyene. Ngakho ngizokhuluma nani imizuzu embalwa nje kulokhukusa, ngendaba encane lapha engahle. . . Ngikholwa ukuthi izoba wusizo kini. Futhi manje mina, ngaphambi kokusuka ekhaya, ngibhale phansi izinto ezincane ezintathu noma ezine. Ngathi, "Ngizolinda ngibone ukuthi iNkosi izothi angikhulume ngani uma sengifike ezansi lapho." Ngibhale cishe izinto ezincane eziyisithupha phansi lapha, izindaba ezincane, futhi ngibhale eyodwa, ngayifaka ephaketheni lami kanje. Ngacabanga, "Awu, uma sengifika epulpiti mhlawumbe Izongitshela ukuthi angikhulume ngani." Manje ngikude nje njengoba benginjalo enhla lapho. Ngakho, empeleni, ngizofunda umBhalo lapha, iNkosi isisize ukuba siWuqonde. Isahluko 14 sikaLuka oNgcwele, futhi asiqale cishe ngelamashumi amathathu-. . . ivesi 31 lesahluko 14 sikaLuka oNgcwele.

> *Noma yiyiphi inkosi, eya kwenye inkosi ukuhlaselana nayo, engaqali ihlale phansi, ihlole ukuba inamandla yini ukuhlangabezana ngezinkulungwane eziyishumi naleyo ezayo kuyo ngezinkulungwane ezingamashumi amabili na?*
>
> *Kepha, uma* inge. . . *ingathi isekude leyo, ithuma amanxusa, icele okokuthula.*
>
> *Kunjalo-ke, yilowo nalowo kini* . . .

32 Ngifuna nibhekisise. Manje, kuqala Wathi. . . Kungumfanekiso. Wathi, "Manje, kukhona inkosi ezayo, futhi inamabutho ayizinkulungwane ezingamashumi amabili; futhi *lenkosi* izohlangabezana nayo, futhi yona inamabutho ayizinkulungwane eziyishumi kuphela. Ngakho-ke, eyokuqala, ihlala phansi futhi ibuze ukuthi ikulungele yini, ukuthi ingakwenza yini noma qha." Kulungile.

> . . . *kini ongavalelisi nakho konke anakho, angebe ngumfundi wami.* (Niyabo?)

33 Manje sengathi iNkosi ingenezela isibusiso saYo kuleliZwi. Manje sizokhothamisa amakhanda ethu okwesikhashana.

34 Baba wethu waseZulwini, nguWe Owazi izinto zonke, futhi ongabheki ubuso bomuntu, ngokuba uyini umuntu ukuba Umnake na? Wenza umuntu, futhi unjengembali nje yasendle: namhlanje muhle, ngomuso uyanqunywa, aphoswe eziko, abune. Futhi ngikhuleka kuWe, Nkulunkulu, ukuba ubenomusa kithi namhlanje futhi wenze ukuba yilowo nalowo athathe uhla oluqukethe impahla yonke namhlanje. Silapha njengasendlini yokuqondiswa. Silapha ukuzofunda nokwazi

ukuthi sifanele siphile kanjani, futhi makuvele eZwini laKho namhlanje, O Nkulunkulu waPhakade. Iningi labantwana baKho libuthene phakathi, futhi iningi labo belingabantwana baKho iminyaka, kodwa, njengokuthi, sonke sibuyela endlini kaNkulunkulu, ukuba sifunde, ukuba sazi. Futhi mina, inceku yaKho, ngifisa ukwazi kakhulu ngaWe. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzoletha ukuphefumulela kweVangeli phezu kwethu sonke, phezu kwenceku yaKho, nokuthi uBukhona baKho futhi nokubusiphefumulela kulendlu buzoba bukhulu kakhulu namhlanje, ukuthi sizohamba, enhliziyweni yethu, sifisa ukuba yizinceku zaKho ezingcono, ukuthi kuzoba yinzuzo kithi ukuba sibe lapha. O Nkulunkulu onomusa, siphe lezizibusiso eGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

35 Manje sengathi iNkosi ingenezela isibusiso saYo eZwini njengoba sifunda. Ngifuna ukuthatha itekisi kulokhukusa, ukuthi, "Imimoya eyengayo noma iZwi likaNkulunkulu na?" Manje, kuyindaba ethi ukuba yinqaba, kodwa ngokuthi isetabernakele. . .Futhi ngoLwesithathu olwedlule ebusuku. . . NgeSonto eledlule ekuseni ngangikhuluma nge—ngejubili elincane leVangeli.

36 Futhi ngoLwesithathu olwedlule ebusuku bengishumayela ngowesifazane owayeno—nomgexo ekhanda lakhe, noma i. . .Walahlekelwa olunye lwezinhlamvu zakhe zemali, futhi wayeshanela indlu futhi ezama ukuluthola indoda yakhe ingakafiki. Futhi sathola ukuthi lowo wesifazane wayewuhlobo lwesifazane wasempumalanga, futhi u. . .futhi emele iBandla. Futhi isibopho somshado sasingafakwa emnweni. Sasifakwa ekhanda, sinezinhlamvu zesiliva eziyisishiyagalolunye kuso. Futhi uma owesifazane eba yisifebe, babekhipha olulodwa uhlamvu lwesiliva futhi bebonisa ukuthi wase eyisifebe. Futhi ngakho lona wesifazane wayelahlekelwe olunye lwezinhlamvu, engesiso isifebe. Kodwa indoda yakhe yayikade ingekho, futhi wayezama ukusheshisa ukuba aluthole lolohlamvu, ukuba alubuyisele emgexweni wakhe, ngoba uma indoda yakhe isifika yayizokwazi ukuthi ubanjwe ekuphingeni, futhi kwakuzosho ukubhidlika kwekhaya nokunjalo. Futhi ngakuqondanisa nebandla lokho imizuzwana embalwa, lalahlekelwa yinqwaba yezinto ezinkulu. Futhi sekuyisikhathi sokuba uBaba afike, ngakho sifanele sizifunisise. Manje, ngokwazi ebandleni, futhi itabernakele lethu. . .

37 Futhi ngi—ngifuna ukukhuluma nge*Mimoya Eyengayo*, okuzokwethiwa empeleni ngokuthi *Ubudemoni*. Nizwa kakhulu ngamademoni, alezizinsuku, kodwa nizwa kancane kabi ngokuthi lingaxoshwa kanjani. Sonke sa—sazi kahle kamhlophe ukuthi kukhona odeveli, kodwa, into elandelayo ingukuthi, ingaxoshwa kanjani leyonto. Futhi manje kukhona. . . Sinalo, ngomusa kaNkulunkulu, ithuba eliningi lokubhekana nalezizinto ezibizwa ngamademoni, futhi sidibane nawo

emsamo, nasekuhambeni kwansuku zonke, futhi, ngani, ngithanda ukubheka emBhalweni kulokhukusa futhi ngithole nje ukuthi lezozinto ziyini.

38 Manje, sikusebenzisile enkonzweni yokuphulukisa, njalo ngasohlangothini lokuphulukisa. Umdlavuza, ithumba, isilazi esweni, isifo sofuba, zonke lezozinto aziyizo izinto zemvelo, ziyizinto ezingesizo ezemvelo yalomhlaba futhi zingamademoni. UmBhalo ukuqinisekisa ngokusobala lokho. Kodwa lokho amademoni emzimbeni, nezimilela, njengomdlavuza, unokuphila kuwo, futhi ukuphila kwalokho yidemoni. Isimilela sesilazi esweni, ukwanda kwesifo sofuba, nezinye izifo, kungamademoni. Lokho kusesimweni senyama.

39 Manje, kulokhukusa sizokhuluma—khuluma ngamademoni esimweni sikamoya emphefumulweni. Asemphefumulweni ngokufanayo njengoba esemzimbeni. Futhi sibophezelekile ukuvuma ukuthi siyawabona emzimbeni wabantu, njengemidlavuza nje ne—nezifo ezehlukene esisemzimbeni womuntu.

40 Khona maduze nje, ngisho umdlavuza umenyezelwe ukuthi uyisifo esisezingeni lesine, ukuthi ukwelinye izinga. Impela, ngubudemoni. Sonke isifo siyisifo esiyisigaba sesine, ukuqala kwaso.

41 Manje, kodwa manje umdlavuza emzimbeni noma umdlavuza emphefumulweni, idemoni lingangena kwenye yalezizindawo. Manje, kukhona izikhathi eziningi nabantu abaningi abanemicabango emihle yokuthi. . . futhi abantu abahle abazama izikhathi eziningi uku—ukuphumula phezu kwesayense encane yezenkolo abanayo, noma okuthize abafundiswe khona kusukela esengumntwana, futhi basakuthola lokho phansi emzimbeni wabo, phansi emphefumulweni wabo, ukuthi basenayo into ethize engalungile. Nina, abaningi balapha kulokhukusa, akungabazeki noma yikuphi la uthola khona amaKristu ebuthene ndawonye, uthola abantu onaleyomimoya kubo, ukuthi ba. . . Akufiseki. Abayifuni. Bathi, "O, uma nje ngingayeka ukuqamba amanga! Uma nje ngingayeka ukukhanuka! Uma nje ngingayeka *lokhu* noma *lokho*!" Manje, lokho ngodeveli. Futhi, manje, afika ngesimo senkolo, isikhathi esiningi. (Njengalokhu kuyisikole sangeSonto, kuyisikhathi sokufundisa, ngakho ake sibuke lokhu.) Manje, afika ngesimo senkolo, isikhathi esiningi.

42 Manje, emBhalweni, kanye, kwakukhona indoda egama layo lalinguJehoshafati, indoda enkulu, indoda ekholwayo. Futhi wawelela kwenye inkosi eyayiyinkosi ya—yakwaIsrayeli. Futhi yena, uJehoshafati, eyinkosi yakwaJuda. Futhi wehlela kuAhabi, inkosi yakwaIsrayeli, futhi bazilungiselela ndawonye, futhi

benza ubambiswano bobabili, ukuba balwe enhla eRamoti Gileyadi. Futhi bakwenza ngaphandle kokuqala ngokukhuleka.

43 O, ukuba abantu kuphela bebengaqonda! Yingakho ngiza kulokhukusa futhi nganicela ukuba ningikhumbule njengoba ngiya phesheya. Kuzozonke izinto, khulekani!

Omunye wafika ngelinye ilanga wayesethi, "Mfowethu Branham, ucabanga ukuthi kuyiphutha ukwenza into ethize na?"

44 Ngathi, "Ubuzelani ngakho na?" Niyabo? Uma kukhona umbuzo engqondweni yakho, kuyeke, ungakwenzi nhlobo. Hlala nalokho nje. Uma uqala ukwenza noma yini, futhi uma kungumbuzo wokuthi ngabe kulungile noma akulungile yini, suka kukho. Ungangeni nhlobo kukho, khona-ke uyazi ukuthi ulungile.

45 Manje, zonke izinto zifanele zinakwe ngomkhuleko, kuqala. "Funani kuqala uMbuso kaNkulunkulu nokulunga kwaKhe, khona konke lokhu kuyakwanezelwa." Ngineqiniso impela kulokhukusa, uma abesilisa nabesifazane bebengafinyelela kuphela endaweni lapho khona umphefumulo wabo, ukucabanga kwabo, isimo sabo, kuzophelela emehlweni kaNkulunkulu, lelo bekuzoba elinye lamabandla anamandla ukwedlula onke asake abakhona.

46 Qaphelani nje imizuzwana embalwa enyameni. Manje, sinjalo, besinjalo, izikhathi eziningi, besinjalo iminyaka, sinalokho esikubiza ngo "mshini wokuhlola amanga." Ungawufaka esihlakaleni sakho, bawubeke unqume ekhanda labo—labo, futhi ungangena lapho futhi uzame ngamandla akho onke ukwenza amanga ezwakale sengathi ayiqiniso, futhi wona uyokhomba ukuthi angamanga ngaso sonke isikhathi, ngoba umuntu akenzelwanga ukuqamba amanga. Ukuqamba amanga kungokukhohlisayo, into enzima, into embi. Ngingaqoka ukuba nesidakwa, noma ngaluphi usuku, kunomqambimanga. Niyabo? Umqambimanga! Futhi umzimba wakho awenzelwanga ukuqamba amanga. Akunandaba ukuthi uyisoni kangakanani, usalokhu uyindodana ewile kaNkulunkulu. Umuntu oyisoni ukubedlula bonke kulelidolobha namhlanje, uNkulunkulu akahlosanga ukuba ube yisoni. Wayekufuna ukuba ube yindodana noma indodakazi yaKhe. Wenziwe ngesimo saKhe uQobo. Kodwa isono sikubangele ukuba wenze lokho. Futhi akunandaba ukuthi uzama kakhulu kangakanani ukulingisa nokuzama ukwenza amanga abonakale eyiqiniso, banethuluzi lesayense elifakazisayo ukuthi kuyiphutha. Ungalisho ngabo bonke ubuqotho ofuna ngabo, kodwa lisayolokhu likhomba ukuthi amanga; ngoba kukhona unembeza omncane phansi esidalweni esingumuntu, nalowonembeza omncane uyazi ukuthi yini okuyiqiniso. Futhi akunandaba ukuthi uthini ngaphandle

lapha, lowonembeza omncane uyazi ukuthi amanga, futhi kuyokhomba kunembeza omncane.

47 Ngakho-ke, uma owesilisa noma owesifazane bengake baze bathole imicabango yabo, nobufakazi babo nezimpilo zabo zimi emgqeni ngqo noNkulunkulu (ameni) uze uthi umgudu kaMoya oNgcwele ube-munye ngokuphelele noNkulunkulu, kungenzekani! Uma owesifazane nowesilisa bengake baze babesemgqeni, lapho khona kanye nenkululeko evela enhliziyweni yabo, nokukholwa okuvela ngaphakathi impela!

48 Abantu abaningi beza e altare ukuba bazokhulekelwa, banokukholwa kokuhlakanipha. Bayazivuma izono zabo futhi bajoyine ibandla, ngokukholwa kokuhlakanipha. Bakukholwa ngengqondo yabo—yabo. Bakukholwa ngoba bakuzwile. Bakukholwa ngoba bazi ukuthi kuyinqubo-mgomo engcono kakhulu. Kodwa lokho akusikho uNkulunkulu akubukayo. Akabuki khona ukukholwa kokuhlakanipha kwakho.

49 Ubuka phezu kwenhliziyo, lapho khona ngaphakathi uNkulunkulu. . .Futhi uma kuvela enhliziyweni, khona-ke konke kungenzeka. Ukuvuma kwakho kuhlangana nempilo yakho. Impilo yakho ikhuluma kakhulu njengoba kwenza ukuvuma kwakho.

50 Kodwa uma ukuvuma kwakho kusho into eyodwa, nempilo yakho iphile okunye, kukhona okungalungile ndawondawo. Lokho kungoba unokukholwa kokuhlakanipha, futhi kungesikho ukukholwa okuvela enhliziyweni yakho. Futhi lokho kukhombisa ukuthi ngaphandle, *lapha*, ngukwazi kukaNkulunkulu; kodwa ngaphakathi, *lapha*, yidemoni elingabazayo. “Ngiyakholelwa ekuphulukiseni kukaNkulunkulu, kodwa akusikho okwami.” Niyabo? “A, kungaba njalo, kodwa angikukholwa.” Niyakuthola na? Ngaphandle, uthi “yebo”; ngaphakathi, unembeza wakho uthi “qha.” Leyonto efanayo yesayense ibingafakazisa ukuthi lokho bekuqinisile, kufakazise.

51 Qaphelani ngenkathi lamakhosi, engakaqali ukuphuma, ayefanele abe. . .Ngaphambi kokuba uJehoshafati aze enze umbimbi noAhabi, wayefanele kuqala athi, “Asikhuleke futhi sibone ukuthi intando yeNkosi iyini.”

52 Nginike umshumayeli, nginike umKristu, nginike unkosikazi wekhaya ongumKristu, nginike umlimi, noma isisebenzi sasefektri, esiyobeka uNkulunkulu kuqala kuyoyonke into, ngizokukhombisa umuntu oyophumelela naphezu kwakho konke uDeveli angakubeka phezu kwakhe. Ufuna uNkulunkulu, kuqala. Sifanele kuqala sibe ne. . .

53 Kodwa abakwenzanga. Bonke babembozwe amafu ngoba uAhabi wayenombuso omkhulu ogqamile, futhi wayenze inqwaba eningi yezinto, futhi ekade enabo bonke obukhulu

ubukhazikhazi, igolide lakhe nesiliva lakhe, wayekade engenkulu, indoda enempumelelo, nokho engakholwa.

54 Futhi lilapho-ke izwe namhlanje. Imi lapho-ke iMelika namhlanje. Limi lapho-ke amabandla namhlanje. Sakhe amanye amasonto amahle ukwedlula onke eselake lakhiwa. Sibe nezinye izifundiswa eziphucuzeke ukwedlula zonke esesake saba nazo. Sifundise enye isayense yezenkolo edlula zonke, nokunjalo, futhi safunda ukucula njengeziNgelosi, kepha nokho kukhona ubuthakathaka ndawondawo. Kukhona ubuthakathaka, ngoba balandele imfundiso yomuntu nemimoya eyengayo, esikhundleni sokubuyela eZwini likaNkulunkulu. Bazama ukwenza izinto zibe yiphethini efana nezwe. Bazame ukubeka amalambu akhanyayo phezu kwalo, njengeHollywood.

55 Lapha ngelinye ilanga, ihlelo elidumile, isigaba seFull Gospel eDolobheni laseKansas, noma, ngiyaxolisa, eDenver, engqungqutheleni, lakha isonto lesigidi samadola. Futhi izinkulungwane zezithunywa zenkolo zilinde osheleni abahlanu kulo lelohlelo, ukuba base iVangeli kubahedeni. Esikudingayo namhlanje ngokuba nomqondo wokuba yisithunywa senkolo, esithunywe nguNkulunkulu, imvuselelo ezalwe nguMoya oNgcwele, esizoba nentshisekelo kaNkulunkulu, ukufuqela ukuyongena emenweni ngaleya futhi senzele uNkulunkulu okuthize, esikhundleni sokwakha amakhulu, amasonto amahle futhi bazame ukwedlula elingumakhelwane.

56 Ngingaqoka ukukhonza emishini, ebishaneliwe, noma ebhareni, futhi ngibe nenkululeko kaMoya oNgcwele nothando lukaNkulunkulu lushisa ezinhliziyweni, kunokuhlala endlini enkulu yesonto enesihlalo sombhishobhi enkulu kunazo zonke esinayo ezweni futhi iminyaniswe yizimfundiso zomuntu nemibhedesho. Esikudingayo namhlanje yimvuselelo eshukumisayo, sibuyele eQinisweni, sibuyele eZwini likaNkulunkulu futhi.

57 Manje, ngenkathi bephumela lapho, futhi kwaba semva kwesikhashana uJehoshafati okwathi ukuthi dwe kuye, wayesethi, "Anina . . . Awu, asibuze iNkosi ngalokhu."

58 Wathi, "Kulungile," uAhabi wakwenza, futhi wathumela ezansi futhi wathola ikhulu, abashumayeli abangamakhulu amane aqeqeshwe kahle. Futhi wabakhuphulela lapho wayesethi, "Bonke laba bangabaprofethayo."

59 Futhi ngakho-ke bangena ekuhloleni kwabo umhlola, futhi baqala ukumemeza. Futhi bathi, "Yebo, yenyuka ngokuthula. INkosi inawe."

60 Kwase kuthi-ke cishe emva kokuba amakhulu amane esenikeze ubufakazi ukuthi bafanele benyuke ngokuthula, nokho uJehoshafati azi . . . Niyakuthola na? Niyabo, phansi enhliziyweni yalowomuntu olungileyo kukhona okwamtshelayo

ukuthi kukhona okwakushaya amanzi ndawondawo. Kukhona okwakungalungile.

61 UAhabi wathi, "Manje sinamakhulu amane lapha, futhi anhliziyonye, onke athi, 'Hamba, iNkosi inawe.'"

Kodwa uJehoshafati wathi, "Awusenaye omunye na?"

62 Wathi, "Awu, yini esiyidinga ngomunye, emva kokuba sesithole amakhulu amane amadoda afundiswe ukwedlula onke ezweni na? Onke athi 'Hamba!'" Leso kwakuyisihlakaniphi. Kodwa phansi enhliziyweni kaJehoshafati wayazi ukuthi kukhona okwakungalungile. Manje, wathi, "Sisenaye omunye, unguMikhaya. Kodwa ngiyamzonda." Wathi, "Uhlala njalo esho okuthize okubi, futhi aqhume lapho engafanele ukukwenza, futhi wehlisa amabandla nakho konke." Wathi, "Ngiyamzonda."

Wathi, "Hamba, umlande, futhi sibone ukuthi uzothini."

63 Futhi lapho uMikhaya enyuka, wathi . . . Bathi, "Manje, buka, shono into efanayo neyabo bonke."

64 Wathi, wathi, "Kuphela ngiyo . . . " Nakhu. "Ngiyosho kuphela lokho okushiwo nguNkulunkulu." Amen. "Akunandaba ukuthi umprofethi wakho uthini, nokuthi *lona* uthini, nokuthi ibandla lakho lithini, nokuthi bathini. Ngiyosho lokho okushiwo nguNkulunkulu. UNkulunkulu ubeke emlonyeni wami futhi ngiyosho lokho Akushoyo." Esikudingayo namhlanje abanye futhi oMikhaya abayosho lokho okwashiwo nguNkulunkulu. Qaphelani, ngakho bamenyusela lapho, futhi wathi, "Nginikeni lobubusuku." Ngakho ngalobobusuku iNkosi yahlangana naye, futhi uyabuya ngokusa okulandelayo. Ngenkathi amakhosi amabili ehlezi esangweni, wathi, "Yenyuka." Wathi, "Yenyuka. Kodwa," wathi, "Ngibone uIsrayeli njengezimvu zihlakazekile zingenamelusi."

65 Ngakho lomshumayeli oyedwa, egqoke zonke, wenyuka wamshaya emlonyeni, wayesethi, "UMoya kaNkulunkulu wasuka waya ngaphi ngenkathi Uphuma kimi na?"

Wathi, "Uzothola uma usubuya." Yebo.

66 Wathi, "Lalela lapha!" Wathi, "Siyizinceku zikaNkulunkulu. Singamakhulu amane, futhi wena uwedwa."

67 Kodwa uMikhaya wathi, "Ngizonitshela ukuthi inkathazo yenu ilelephi." Amen! Wathi, "Ngabona umbono." Amen! Wathi, "Futhi ngabona uNkulunkulu ehlezi esihlaweni saKhe sobukhosi. Ngabona ibandla laseZulwini limi liMhaqile. Futhi siyazi ukuthi iZwi likaNkulunkulu limemezele iziqalekiso phezu kwalomuntu, ngokwendlela enze ngayo."

68 Awukwazi ukubusisa okuqalekiswe nguNkulunkulu, kanjalo noDeveli akakwazi ukuqalekisa okubusiswe nguNkulunkulu. Kuludaba lomuntu ngayedwa, akunandaba ukuthi umpofu kangakanani noma uyisithutha kangakanani, ukuthi awufundile kangakanani, ukuthi awufundisiwe

kangakanani. UNkulunkulu akubusisile kubusisiwe. UNkulunkulu akuqalekisile kuqalekisiwe. Yazi ukwehlukanisa ukuthi yikuphi okulungile nokuthi yikuphi okungalungile.

69 UMikhaya wayekwazi okulungile nokuhle ukuthi lokho kwakungesiyo iNkosi eyayinalabo bashumayeli. Awu, kwakuyini indaba ngalabo bashumayeli na? Qaphela ukuthi benzani. Babekade begqokiswe ukubedlula bonke. Babekade bondliwe ukubedlula bonke. Babekade bebuthene ndawonye emadilini abo nokunye, nombimbi lwabo, indawo yaze yafika lapho abase bazi kuphela isayense yabo yezenkolo. NeBhayibheli lasho ukuthi uMikhaya, ngenkathi ebuka umbono, wathi, "UNkulunkulu wathi, 'Ubani esingamthola ukuba ehlele lapho futhi adukise uAhabi na?' Futhi umoya wamanga wathi, 'Ngizokwehlela lapho futhi ngiyenge uAhabi ngalabo bashumayeli, ukubangela uAhabi ukuba aphumele lapho, ukuze kufezeke iZwi likaNkulunkulu.'"

70 Manje, namhlanje abantu abaningi kakhulu balalela! (Manje, isikole sangeSonto, ngiyasithanda.) Bukani, abantu abaningi kakhulu balalela imimoya eyengayo esikhundleni sokuthatha iZwi likaNkulunkulu. Imimoya, isezweni. Ingamademoni. Futhi iphumela ezindaweni futhi ingena phakathi kwamadoda, abefundisi. Ingena phakathi kwamalunga ebandla. Ingena phakathi kwabantu abalungileyo. Futhi ibabangela ukuba bangene ngokubhaca. Futhi basho izinto, futhi benze izinto, futhi bafundise izinto, futhi benze izinto ngokubonakalayo, okuphambene neZwi likaNkulunkulu. Namhlanje, abefundisi bebandla labo bavumela abantu babo ukuba badlale amaphepha emabandleni, amaningi awo. Manje, akusilo iKatolika lodwa, kukhona inqwaba yeProtestane eyenza lokho.

71 Abazama ukukwenza yinto ethize eyisibambiso. Bazama ukuzitholela isu elithize elisha. Bazama ukuzitholela imfundo, ukuthatha indawo kaMoya oNgcwele. Awusoze wakwazi ukukwenza, akunandaba ukuthi umuntu wenu ufunde kahle kangakanani. Ngicabanga ukuthi kuyinto enhle kuye ukuba afundiswe. Kodwa uma engenawo uMoya oNgcwele ngalokho, imfundo yakhe ayizukumenzela lutho. Imfundo ayisoze yathatha indawo yobuholi bukaMoya oNgcwele. Amen.

72 Qaphelani, bona, esikhundleni saLokhu, bazame ukuzithathela ukuxhawulana kube ulwazi lwesikhathi sakudala esasivamise ukuba nalo. Namhlanje ibandla selibe yisimodeni. Bayenyuka banikeze isandla sabo sokuhlanganyela, futhi kuthi akube ngaleyondlela abakwenza ngayo. Kodwa akusoze kwathatha indawo yebhentshi lemfashini endala yabalilayo lapho izoni zibizwa khona futhi zilungisane noNkulunkulu. Kunjalo.

73 Namhlanje bazama ukuthatha indawo yokweshumi kukaNkulunkulu. Bazama ukuzithathela okuthize. Bazama ukukwenza kwehluke. Bayehla futhi babe nemidlalo yokuluthana emasontweni, badlale umkhuba wokubutha imali ibuye yabelwe ngokwenza indliki. Umkhuba wokubutha imali ibuye yabelwe ngokwenza indliki awusoze wathatha indawo yokweshumi kukaNkulunkulu. Amasapha, ukuthengisa ngezingubo, amapikiniki, ukwakha imali ukukhokhela izikweletu ezehlukene, akusoze kwathatha indawo yokweshumi kukaNkulunkulu kwaPhakade nomnikelo. Akusoze kwakwenza. Kepha nokho sizama ukukwenza.

74 Kuyini na? Yimimoya eyengayo yehla, izama ukusub-. . . ukubambisa ngokuthize eZwini likaNkulunkulu. UNkulunkulu akanasibambiso seZwi laKhe. LiPhakade nangunaphakade. UNkulunkulu akanalutho lokubambisa ukukholwa. Ukukholwa akunasibambiso. Ukwethemba akusoze kwathatha indawo yokukholwa. Ukukholwa kukodwa. Kumi kodwa. Akusoze kwathatha. . . Ukwethemba ngeke neze kwathatha indawo yakho. Ukwethemba kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo, noma ukukholwa kunjalo, ngiqonde lokho. Niyabo? Ukwethemba kuyinto eyodwa; ukukholwa kungokunye. Ukwethemba kwethemba khona; ukukholwa kunakho. Okukodwa ukukholwa kokuhlakanipha; nokunye kuyisambulo ngqo sikaNkulunkulu. Akusoze kwathatha indawo yakho. Siyazama, kodwa senza zonke lezizibambiso.

75 Sizama ukwakha lamasonto amakhulu esikhundleni sokuthuma isithunywa senkolo. Esinye isibambiso. UJesu akazange amise noma ubani ukuba akhe isonto. Akuzange kuze kumiswe eBhayibhelini. Simise amakholiji, bavumele lokho kuthathe indawo yesithunywa senkolo. Si. . . UJesu akazange neze asitshele ukuba sakhe ikholiji. Onke alungile. Imfundo, sizama ukuthola lokho ukuba kuthathe indawo. Akusoze kwakwenza. Umyalo kaJesu wawungukuthi "hambani niye ezweni lonke nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo," okwesikhathi sokuphela. Ngakho konke okungokwezibambiso esinakho akusoze kwathatha indawo yokwangempela.

76 Ngelinye ilanga ngake ngaba nokwake kwangehlela, okwesibambiso. Ngangiqala ukuphathwa yizinyo, kwafanele likhishwe izinyo. Kulokhukusa nginezinyo lokufakelwa elinamathele phakathi lapho. Angikwazi ukukhuluma kahle. Alisoze lathatha indawo yelangempela. Qhabo, mnumzane! O, he!

77 Ungahle uthathe umuntu umgqokise kahle, umenze ngokhuni, ngoshoki, noma ngabe ufuna ukumenza ngani, futhi umlungise kahle kakhulu. Akanamizwa, akananembeza. Akasoze athatha indawo yanoma yimuphi umuntu wangempela. Kanjalo akusoze ukuphenduka okungesikho

okwangempela kwenyuka bese kuthi, “Ngijoyine ibandla. Ngizozama ukwenza okungcono.” Akusoze kwathatha indawo yokwangempela kwemfashini endala, okuthunywe nguNkulunkulu, ukuphenduka kukaMoya oNgcwele okwenza umuntu ehluke enhliziyweni yakhe. Akukwazi ukukwenza, ngoba akukho-kuPhila kukho. Akukho okuzomnika ukuPhila.

78 Lapha esikhathini esingeside esedlule ngibone ingcweti enkulu ebilethe lesi, umqophi wemifanekiso, ngiqonde yena, owenza lesisithombe sikaMose. Angisalikhumbuli igama lakhe manje. Uyingcweti engumGreki. Kwamthatha impilo yakhe. Futhi lapho esesenze lapho abona khona ukuthi sasesiphelele ngempela, wavukwa amadlingozi kakhulu ngomfanekiso kaMose waze wawushaya idolo lawo, futhi wathi, “Khuluma, Mose!” Wawubukeka uyinto yangempela! Wawuyisifanekiso impela esiphelele ngempela waze wabukeka kakhulu njengoMose, emcabangweni wakhe, ngangokuthi waze wawushaya ngesando ukuba awenze ube nokuzwa.

79 Ufake emqondweni webandla. Akunandaba ukuthi ubambela kangakanani, ukuthi unebandla elikhulu kangakanani, ukuthi uwacula kahle kanjani amaculo akho, ukuthi ibandla lakho ligqoka kahle kanjani, ukuthi onokuningi kangakanani *lokhu*, *lokho*, noma oku*nye*, ungashaya, uzwe, noma yini. Akusoze kwathatha indawo yokuPhila, aze uKristu ehle esimweni sikaMoya oNgcwele, phakathi kulelobandla, futhi alinike ulwazi olusha lokuzalwa ngokusha. Akusoze kwathatha indawo yeZwi likaNkulunkulu. IZwi likaNkulunkulu limi lodwa.

80 UMikhaya wayeneZwi. Wayazi ukuthi wayeneZwi. WayeneZwi lilotshiwe, wayenaLo futhi ngombono. Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayetheni eZwini laKhe. Uyazi ukuthi uNkulunkulu wayetheni ngombono. Bobabili bahlangana ndawonye. Wayazi ukuthi kwakuyiQiniso, ngakho-ke wayengesabi.

81 Kodwa lomoya oyengayo, bukani ukuthi wenzeni, namhlanje. Ukwenza amanye amalunga amaningi ebandla, ukwenza amalunga ebandla angcono, liwisele imigoqo kukho konke ukufundisa kukaMoya oNgcwele kwemfashini endala. Lavumela abesilisa ukuba babe namadili okuhlalisana kwabantu, ngaphandle endlini ephansi lapho abayodlalela khona imidlalo. Lokho akusoze kwasiza; babambisa esikhundleni sekamelo elingaphezulu, lapho ababekhulekela khona uMoya oNgcwele. Lavumela abesifazane ukuba bahlangane ndawonye futhi baxoxe amahlaya nento, futhi babenenqwaba yombhedo okungekho lutho kuwo. Lokho akusoze kwathatha indawo yomhlangano womkhuleko. Abesifazane, indlela abaphuma ngayo futhi bagqoke namhlanje, yi—yihlazo.

82 Ngezwa ukuphawula okwenziwa nguMfowethu Neville, wathi, “Abantu abampofu abangamaMelika,” wathi, “bathumele zonke izingubo zabo phesheya.” Kunjalo. Bahambahamba ngezingubo zabo zangaphansi. Ba . . . Kunjalo. Kusho ukuthi bazinike izithunywa zenkolo, ngoba isithunywa senkolo, abantu nabahedeni kwelinye izwe uyazigqoka. Lababantu bahamba bengazigqokile, kubukeka sengathi bayakuthanda.

83 Ngizonitshela, kukhona okuphendukezelwe, futhi lokho ukushunyayelwa kweVangeli leNkosi uJesu Kristu. Amademoni anihlubula izingubo zenu. Abakaze babekhona ngaphandle komuntu oyedwa eBhayibhelini abake baklebhula izingubo zabo bazikhumula, lowo kwakungumuntu owayekhwele amademoni. Futhi ungena ngesimo esipholile namhlanje, sengathi unokuhlalisana kahle nabantu, sengathi ulungile, sengathi konke kuhamba kahle. “Yisimo sezulu esipholile, futhi kuzokwenza uphole uma uzokhumula izingubo zakho.” Indoda ihamba yehla-yenyuka namagceke, futhi inqunu ingxenye, nabesifazane ngokufanayo. Ngani, senibe njalo akusekho ukuhlonipha kunoma kwakukhona okwezinja, ukuhloniphana. Yin’indaba na? Angizami ukunilimaza. Ngizama kuphela ukunitshela ukuthi kungukukhwelwa amademoni, futhi nilalela imimoya eyengayo onitshela ukuthi, “konke lokho kulungile,” kodwa kungamanga.

84 Uhlamvu lukakolo luyoveza kuphela ukolo. Uma ungumKristu, ungeke ukwenze lokho. Ungeke wakwenza. Nje ungeke wakwenza. Unokukholwa kokuhlakanipha futhi uthi, “Mfowethu Branham, ngiyalikholwa iBhayibheli.” Impilo yakho isho ukuthi awulikholwa. Amen. Imimoya eyengayo ibhekana neZwi likaNkulunkulu.

85 Wayazi ukuthi wayemi kuphi, uMikhaya wayazi. WayeneZwi likaNkulunkulu. Wayeyindoda engadumile nhlobo. Akekho umuntu owayemthanda ngoba wakhuluma iQiniso, nakuba babebathanda lababashumayeli.

86 Manje, enye into eyenzekile. Ngikholwa futhi ngicabanga ukuthi noma yimuphi umuntu onolwazi noNkulunkulu, noma owesifazane, ubophezelekile ukuthola amadlingozi amancane. Nje ngiyakukholwa. Kunjalo. Kodwa niyazi ukuthini? Bazithathele ubudlingozi ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Bathola nje omningi umsindo, futhi akukho lutho kuwo. Hlala nje ubengcwele njengoba uhlala unomsindo, khona-ke uzoba kahle. Amadlingozi impela kulungile; “ukujwayeza umzimba kusiza ingcosana.” Kodwa imimoya eyengayo uze wawelela ngale wangena ebungcweleni beqembu labantu, futhi banabo ukuba nje baphumule phezu kokuthi “ngoba bayakwazi ukumemeza” noma “ngoba bayakwazi ukusina, ngoba bangenza amadlingozi.”

87 Lowomfo omdala ezansi lapho, induna yabo bonke labobaprofethi, abashumayeli, yayiqiniseke ngempela ukuthi yayiqinisile, ngangokuthi yaze yazenzela izimpondo ezimbili futhi yasina ndawo zonke, futhi yenza isiyaluyalu esikhudlwana impela. Yayizoqhubukusha enye impi yamaSiriya aphume ezweni. Kodwa kwakungamanga! IZwi likaNkulunkulu lalisho okwehlukile. Amen. Niyabo, ungaba namadlingozi akahle, uma unohlobo olukahle lomnyakazo emva kwawo, uhlobo olukahle lwamadlingozi lunyakazisa amadlingozi akho.

88 UDavide wasina phambi kweNkosi, futhi umkakhe wamhleka. Futhi uNkulunkulu wabuka phansi eseZulwini, wathi, "Davide, ungumuntu wenhliziyo yaMi uQobo." Kodwa izinjongo zakhe zazikahle. Impilo yakhe yayikahle, emva kwawo.

89 Ngakho, ngenxa yokuthi nje singaba namadlingozi, akusho ukuthi sisindisiwe. Ngoba siyasonta, akusho ukuthi sisindisiwe. Ningayikholwa leyomimoya eyengayo. UMoya wangempela kaNkulunkulu, iZwi langempela likaNkulunkulu, yiQiniso likaNkulunkulu; eliyiMbewu kaNkulunkulu, liyoveza uNkulunkulu empilweni yakho; ube nokumesaba uNkulunkulu, ube ngonobungcwele, ongcwele.

90 Phakathi kwenqwaba yabantu sithola lapho khona amadlingozi, nokunjalo, lapho kuba ukuncetheza nokuhleba, nalo lonke uhlobo lwezinto zokungamesabi uNkulunkulu. Mfowethu, leyo yi asidi yesibabule ebandleni. Kungamandla amademoni. Umoya wabesilisa nabesifazane abaqoqanayo, futhi bazame ukuqhubukusha, bathi, "*Lokhu* akulungile, nal*okhu* akulungile, na*lokho* akulungile." Uma uzokulandela wehle nakho, ngokuphindwe kasishiyagalolunye eshumini nguye lowomuntu impela egovuza, lokho akulungile. Amen. UNkulunkulu uyakuzonda ukungezwani phakathi kwabazalwane. Hloniphani, nibe-ngcwele, nimthande uNkulunkulu, nime ngakuYe. Futhi inqobo nje uma wazi ukuthi impilo yakho iyabelana neBhayibheli, ngokuhlanzeka kwenhliziyo, ukuhlanzeka komcabango uthando ngakumfowenu, uzama ngakho konke ukukhulisa uMbuso kaNkulunkulu, futhi wenza lezozinto, ugqoka kahle, uphila kahle, ukhuluma kahle, uya ezindaweni ezifaneleyo, khona-ke ungaba nawo onke amadlingozi owafunayo, futhi wonke umuntu uzowakholwa.

91 UJesu wathi, "Nina ningusawoti wezwe. Uma usawoti edumele, akasasizi lutho, ufanele alahlwe ngaphandle anyathelwe ngumuntu." Uma nje ungusawoti yedwa, akusizi. Kodwa uma unobusawoti kuwo, yiba nobusawoti nezwe lizokoma. Yiba nobusawoti, bazokoma. O, he!

92 Imimoya eyengayo iphuma, amademoni ezifihlile. Bukani, sisosukwini lokugcina. Sisesikhathini sokuphela. Izwe selithi

alikulungele nje ukufinyelela ekhanda lalo, njengethumba elibuhlungu ndawondawo elizoqhuma ngolunye lwalezizinsuku nomnyombo uthi putshu kulo. Seliba libi. Akusekho-mafutha angaliphulukisa. Basenqabile i—isibulala-zinhlungu. Benqabile ukwelashwa. Thatha ithumba elivelayo lapho, futhi uma ungathathi isivimbela-magciwane noma into ethize yokulishaya liphume, noma okuthize okunye, liyolokhu livela lize liqhume.

93 Yilokho okwenziwe yizwe. Kwaqala, esikhathini esingeside esedlule, ukwenzela phansi. Behlela embonweni omkhulukazi, imimoya yamanga iyangena futhi iqale ukutshela abantu *lokhu*, *lokho*, noma oku*nye*. Sihlephuke saba amakhulu ayisishiyagalolunye namanye amahlelo ahlukile, onke enombono owehlukile. Athi, "Thina sikholwa yi*lokhu*, isikhathi! Yilokho esikukholwa sonke." Awakwazi ukuvumela uMoya oNgcwele angene. Awakwazi ukuba nendlela yokwedlula. UNkulunkulu wayeba nesigejane sabantu esingamemeza, bese-ke wonke umuntu useyamemeza. Babeba nabanye abakhuluma ngezilimi, bese-ke wonke umuntu akhulume ngezilimi. Onke ayeba nokunje, kuze kube (yini?) ngokoqobo angcoliswe yimimoya eyengayo, eyenga abantu ukuba benze lamadlingozi kanti akukho-Nkulunkulu nhlobo kukho. Khona-ke ayaphuma futhi aphile noma yiluphi uhlobo lwempilo afisa ukuyiphila, bese ekubiza ngo "mKristu."

94 Nezwe liyahlala futhi libuke, lithi, "Awu, ake nibheke laphaya! Ngifana nse nabo."

95 Njengoba ngasho ngobunye ubusuku ngengulube, ngesoni. Ungeke wasola . . . Isoni siyisoni. Ungazami ukusilungisa. Ungazami ukusitshela *lokhu*, *lokho*, noma oku*nye*. Siyisoni, kusuka nje. Siyingulube, kusuka nje. Asazi kwehluka. Uma siyozibukela izithombe zebhayisikobho, futhi sihambe ngeSonto, futhi siye emidlalweni yebhola, futhi senze zonke lezizinto, siyisoni, kusuka nje. Imvelo yaso injengengulube. Ingulube endala ifosha ngekhala layo phansi enqwabeni yomquba futhi idle konke okusanhlamvu okuphuma kuwo, nakho konke; awu, leso, siyingulube. Ungeke usisole. Siyingulube. Futhi kungaleyondlela nangezoni. Kodwa uma uhamba futhi uzibiza ngomKristu, futhi ufoshe ngekhala lakho naso, khona-ke awungcono kunaso, kodwa, umubi kakhulu. Phuma kukho. Yeka okwezwe. Yeka. Yekela kuNkulunkulu. Yeka.

96 Uyeka kanjani na? Abantu abaningi kakhulu bayamangala namhlanje, bethi, "Awu, Mfowethu Branham, uyeka kanjani na?" Ngiyazi nizwe inqwaba yesayense yezenkolo ngakho, "kuyeke." Inqwaba yabantu ivele nje isebenze ijuluke, izama ukuyeka. Abantu abaningi bafika ngapha futhi bathi, "Bengizozila izinsuku ezingamashumi amane ukuze ngenze okuthize." Awudingi-kuzila izinsuku ezingamashumi amane. Udinga ukuyeka okwezwe nazo zonke lezizinto zobudeveli,

futhi uthathe iZwi likaNkulunkulu ulifake enhliziyweni yakho. Ufanele ufundiswe ukuthi kwenziwa kanjani lokho. Awukwenzi ngokugxuma uye phansi-naphezulu, kanjalo futhi awukwenzi ngokuzila izinsuku ezingamashumi amane. Ukwenza ngenhliziyo ezinikele kuNkulunkulu uSomandla.

97 Njengengane encane. Ngiqaphelise ingane yami encane emuva laphaya, unina ezama ukuyigqokisa ijakhethe encane, kulokhukusa. Ibifuna ukufaka ingadlwana yayo encane emkhonweni. Ayikwazanga ukufaka ingalo yayo lapho; ayazi ukuthi kanjani. Ufanele uqondise ingadlwana yayo. Ifuna ukufaka ingalo yayo lapho, kodwa ilokhu ishaya ngakuyo nje. Ayifiki emkhonweni. Iyazi ukuthi ayikho emkhonweni.

98 Kanjalo nawe uyazi ukuthi awulungisene noNkulunkulu, uma usahleba, uqamba amanga, wenza konke. Ungeke ulungisane noNkulunkulu, angikhathali ukuthi usonta emabandleni amangaki, umphefumulo wakho uze uphenduke. Mfowethu, leyo yimfashini endala, kodwa lokho kuyoncibilika futhi kufake isobho emphefumulweni wakho. Kunjalo!

99 Izama ukufaka ingalo yayo, ifanele ibe nothize ozoyiqondisa ingene, ukuthi iyifake kanjani ingalo yayo. Bese kuthi-ke uma ifaka ingalo yayo ejakhetheni yayo encane, iyazi ukuthi kuhamba kahle.

100 Kungaleyondlela kuwo wonke umKristu ozelwe ngokusha. Uma ngempela engena kuNkulunkulu, uqaphela impilo yakhe neZwi likaNkulunkulu futhi uyaqonda ukuthi umi emgqeni nakokuncane kwaLo. Unokubekezela, ububele, ukuba nokuthula, ubumnene, amandla, ukukholwa, uthando, ukujabula, ukuthula. Akashukunyiswa njengolwandle oluzanyazanyiswayo. Akakhathazekile ngazozonke izinto ezincane. Akagxumeli *lapha* na*laphaya*, njengokhokho webhodlela olwandlekazi olunomoya. Uhlezi. Inhliziyo yakhe ihlanzekile. Imicabango yakhe ihlanzekile. Izinhloso zakhe zihlanzekile. Okunye kokunye kwakhe kukahle. Futhi uyazi ukuthi uba semgqeni neZwi likaNkulunkulu. Sonke isihogo ngeke samnyakazisa. Ubekwe emgqeni yiZwi likaNkulunkulu. Unothando lobuNkulunkulu, ukuhlanzeka enhliziyweni yakhe, okwakhe wonke owesilisa nowesifazane. Une . . . Uyadeda ezintweni zezwe, zifile kuye; akasazifuni. Ngani, ubungeke wenza intombazane kaMoya oNgcwele igqoke lezozingubo ezibukeka zinokungamesabi uNkulunkulu futhi iphumele ubala lapho. Qhabo, mnumzane.

101 Manje, asikho isidingo sokuhamba futhi uyitshele ukuthi kuliphutha, ngoba ngeke ikukholwe, ngoba yilokho kuphela ekwaziyo. Leyo yinjabulo yayo. Owesifazane ugqoka lezozintwana, ukuba aphume kusihlwa, lapho nje amadoda abo isifika ekhaya, uhulumeni, futhi athi, "Sika utshani egcekeni," ngakho . . . Futhi ungitshela ukuthi lokho kulungile?

Sifazane, angiqondile ukusho ukuthi u—umubi. Angiqondile ukusho ukuthi uziphethe kabi. Kodwa awuqondi, dadewethu, ukuthi umoya ongcolileyo ukubambile. Ungakwenzela ini na? Unomqondo owenele ukwazi ukuthi akupholisi. Kuyashisisa. Kukhona umoya ongcolileyo.

102 Wena uthi, "Mina? Mina, ngaya esontweni!" UNebukadnezari wayengumuntu omkhulu. Kodwa, ngoba wazikhukhumeza, uNkulunkulu wamnika umoya wenkabi, futhi wamdlisa utshani iminyaka eyisikhombisa, futhi izinzipho zakhe zakhula zaba njengoba kwenza laba besifazane abakhona ngapha. Kunjalo. Futhi wakhwelwa amademoni.

103 Indoda yakhwelwa amademoni futhi yahlubula izingubo zayo yazikhumula. Babengenakuyigqokisa izingubo. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ngomoya abayengayo.

104 Ibandla lakho lihambisana nawo. Umshumayeli wenu uyesaba ukusho utho, wesaba ukuthi ngeke nisaphinde nikukhokhe okwenu okweshumi. Yilesosizathu. Yileyo inkathazo. Wo, bakithi! Uzoshumayela kanjani esigejaneni soklebe, ngaphandle uma ubaphendula futhi balungisane noNkulunkulu, kusuka nje na? Bayogxilisa ikhala labo entweni efileyo ngaso sonke isikhathi. Okudingayo ukuthulula ulahle, nemvuselelo eyimfashini endala ishanele kusuka ogwini kuya ogwini, futhi uthole abesilisa nabesifazane balungisane noNkulunkulu. Badede, ezintweni zezwe! Badede, ekushumayeleni okuyize kokuxegisa. Amen. Ushumayele iVangeli. UNkulunkulu washo njalo. "Uma nithanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakini."

105 Abantu bangagxuma phansi-naphezulu, futhi bamemeze ubusuku bonke, futhi bakhulume ngezilimi njengokuthululela uphizi esikhunjeni esomile senkomazi; baphume ngqo, ngokusa okulandelayo, benolaka olwenele ukulwa nesaha elibanga umsindo, baphume baziqhubekele nje futhi basho okuthize ebandleni okuzobangela lonke ibandla lichitheke. Akulutho ezweni ngaphandle kokuthi kungukuyenga, imimoya yamademoni! Sifuna ukubuyela eZwini, lapho khona uNkulunkulu engukuhlanzeka, engcwele. Amen. Kunjalo. Imimoya eyengayo ibhekana neZwi likaNkulunkulu!

106 Nansi indoda, esikhathini esingeside esedlule, yathola owesifazane omncane. . . AmaKatolika anedazini laphaya. Esikhathini sakhe sokuqhaqheka kwakhe ifindo kwabesifazane, kuphuma ezandleni zakhe nasebunzini lakhe. Uma umshumayeli okahle kaMoya oNgcwele. . . Ngacabanga. Leyondoda yayinebhodlela laleyonto, ephuma ezandleni zakhe, ihamba ijikeleza igcoba abantu ngakho. Wewu! Bakithi! Kungumphikukristu! Angikhathali noma igazi liphuma ekhaleni lakhe noma ekhanda lakhe, noma kuphi, mfowethu,

akukho-gazi eliyothatha indawo kaJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu. YileloGazi kuphela engazi utho ngalo. Angahle ukuba wayenamafutha egobhoza esandleni esisodwa, newayini liphuma kwesinye, kodwa, uma ukusebenzisela noma yisiphi isimo senkolo, nguDeveli. Ukubona ukuthi abashumayeli bayowela kanjani entweni enjengaleyo!

107 Esikudingayo, buyelani eNcwadini eHolayo, nibuyele eZwini likaNkulunkulu! Leli yiZwi likaNkulunkulu, iBhayibheli elidala elibusisiweyo. Wena uthi, "Awu, ngiyesaba ukuba yilokho, Mfowethu Branham. Ngesaba ukuthi ngizolahlekelwa okunye kokujabula kwami." Yini indaba na? Awazi ukuthi ukujabula kuyini.

108 Ngithe ungasilahli isoni ngokuphuma sihambe futhi sidakwe. Sihlala siyingunungundu. Asazi. Siyavuka, ekuseni, sidunyelwa yikhanda, ibhabhalazi. Siyaphuma sizitholele amabhodlela amabili noma amathathu kabhiya, futhi siphume futhi sizitholele iwiski, nalolonke lolohlobo lwento.

Ummunci omncane kasikilidi uhlala aqethuke abheme, futhi awufuquze uphume ngamakhala akhe kube sengathi wayeyisitimela esilayisha impahla. Yilokho kuphela. Angisisoli; yilokho kujabula kuphela esikwaziyo. Yilokho kuphela esazi ngakho. Siyingulube, ngemvelo.

109 Ngiyakudabukela wena ozisho ukuthi ungumKristu futhi wethembele ezintweni ezinjalo ukuthi zingukujabula, kanti iVangeli likaMoya oNgcwele alilutho ngaphandle kokuthi liyindlu yamandla enkulukazi yokujabula. IVangeli likaMoya oNgcwele liyisidakisi esiphelele sawo wonke umuntu odunyelwa yikhanda. Uzothatha isiphuzo seVangeli likaJesu Kristu, ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele, uba ngodakiwe uze ulishiye lelizwe, amen, ukujabula okungakhulumekiyo okubabazekayo. Kukhona ukuvuselela amandla kwanjalonjalo. Kuyisidakisi sanjalonjalo, udakwe ubusuku nemini! Amen. Lelo yiZwi likaNkulunkulu.

110 Ibandla liyafika, lizithathele enye into. Bafanele babenephathi encane lapho bonke bephuma baye ebhishi, ukuba babe nokuzilibazisa. Ukubuthana ndawonye kokudlala amaphepha, ukuba bahlanganyele. Kunjalo. Babenomdanso, ngesinye isikhathi, kwenye yendlu yelunga, ngezinye izikhathi endlini ephansi yasesontweni. Umdanso, bezithathela, bezama ukuthola into ezokwenelisa. Yini indaba na? Bayisigejane esikhulu sezingulube, empeleni. Bayizingulube, kusuka nje. Ukuba bebengake baze bahlangane noKristu, bebezoba nokujabula okuningi kangaka, lezozinto beziyoba ngezife ukwedlula iphakathi nobusuku, kubo. IVangeli, bedakwe eMoyeni, ukujabula okungakhulumekiyo okubabazekayo.

111 Ungasilahli isoni; yiba nomusa kuso. Siyekele siqhubeke sizibhemele inqawe yaso, siyekele siziphuzele utshwala

baso, siyekele sibe kwabadlala amaphepha. Yintokozo yaso leyo. Ungasisoli. Sesifika ekhaya nakho konke, sikhathele sidiniwe, sifuna ukuzithokozisa. Into wena okufanele uyenze kungukuphila impilo yokukhonza ngempela ongafakazisa kuso ukuthi iVangeli liqukethe okuphindwe kazinkulungwane ezilishumi ngaphezu kwalokho, kuso. [Akuqoshwanga—Umhl.] Futhi uma sifa sisendaweni enjalo, siyoya esihogweni, otshwaleni baso. Lokho yisidakisi sikaDeveli. Uma sifa, sidonsa leyonqawe endala, uNkulunkulu unguMahluleli waso. Uma sifa, siphuma sihambe lapha, sidanse, futhi sihamba sehla senyuka sigqoke izingubo ezingahloniphekile, uNkulunkulu unguMahluleli waso.

112 Kodwa kukhona into eyodwa, uma ufa ngaphansi kogcobo lwaMandla kaMoya oNgcwele, njengoba kwenza uStefane ngenkathi ebheka phezulu ebusweni bukaNkulunkulu, wathi, "Ngibona iZulu livuliwe, noJesu emi ngakwesokudla," uxhumene neZulu, njengohlobo lwenkonjane endlwaneni yayo. Amen.

113 Imimoya eyengayo ibhekana neZwi likaNkulunkulu! Dedela, shiya. "Ukwenza kanjani, Mfowethu Branham na?" Yekela nje. Yilokho kuphela okufanele ukwenze. Thatha iZwi likaNkulunkulu. Ungazami ukusebenza utho. Ungaguqi phansi e altare, uzishaya phezu kwalo, umemeza, "Nkulunkulu, ngiphe uMoya oNgcwele! Nkosi, ngiphe uMoya oNgcwele!" Akezi, uzishaya kulelo altare. Lokho akusizi lutho. Cha. Akusiyona indlela Afika ngayo leyo. Kuba, ngukuMthatha eZwini laKhe!

114 Buka uPetro. UPetro wayesekwesabeni okukhulu, wayebona sengathi wayezokufa. Futhi wabona iNkosi iza, ihamba phezu kwamanzi. Wayesethi, "Nkosi, uma lowo kunguWe, yisho ukuba ngize."

INkosi yathi, "Woza."

115 Manje uPetro wathi, "Manje awume kancane, Nkosi, ake ngiyozila izinsuku ezingamashumi amane ukuba ngibone ukuthi ngingahamba yini phezu kwalawomanzi, noma qha. O Nkosi, mangithole uMoya owaneleyo phezu kwami, ukuze ngisine eMoyeni futhi ngikhulume ngezilimi, kulesisikebhe, bese ngiyaphuma na?" Qhabo, mnumzane! Wathatha uNkulunkulu eZwini laKhe, dedela uyekele. UNkulunkulu wamphumelelisa.

116 Ukuba-ke uNkulunkulu wahlangana noMose, futhi Wathi, "Mose, yehlela laphaya eGibhithe, utshele uFaro, 'Yekela abantu baMi bahambe na'"? Ukuba-ke uMose wathi, "Ake ngiyozila izinsuku ezingamashumi amane, kuqala, futhi ngibone ukuthi nginokholo olwanele ukuKulalela, Nkulunkulu. Nginike okuthize, okunye, Nkosi. Ake ngiKutshele okuthize, ake ngibone ukuthi ngiyangena yini eMoyeni, kuqala na"? UMose akazange abuze mibuzo, wavele wathatha uNkulunkulu eZwini laKhe, wasuka wahamba. Yileyondlela okufanele ukwenze ngayo,

thatha uNkulunkulu eZwini laKhe. Khona-ke uyazi ukuthi uyokwazi ukukwenza. Akazange alinde kuze kubekhona okwenzekayo, wavele waqhubeka wakwenza.

117 Uthini-ke ngoElija, ngenkathi ehla eNtabeni iKameli, ekade elapho phezulu isikhathi eside? Futhi wahlangabezana nomfelokazi ompofu. Wayeyi . . . wayengowasezizweni, oweZizwe. Futhi lapho ehlangabezana naye ezansi lapho, wayecosha izinkuni, egcekeni. Futhi uNkulunkulu wamtshela, "Suka wehlele endlini yalowomfelokazi." Indawo enje umshumayeli aya kuyo!

118 Nangu esuka ehlela lapho endlini yomfelokazi. Esenzenjalo owesifazane, wayenezinkuni ezimbili. Wathi, "Wenzani na?"

119 Wathi, "Ngicosha izinkuni. Nginempuphu nje eyanele ukuba ngenze amaqebelengwana amabili. Yilokho kuphela engisele nakho. Sekuyiminyaka emithathu singenamvula." Wayesethi, "Ngakho-ke ngizokwenza lamaqebelengwane. Futhi azodliwa yimi nomfana wami, bese siyafa."

120 Wathi, "Yenzela mina elilodwa, kuqala!" Haleluya! O, ngiyazi ngiyahlanya kancanyana, kodwa ngingasecaleni leNkosi, nokho. Wathi, "Yenzela mina elilodwa, kuqala! Ngokuba, ISHO KANJE INKOSI." Nakho la ukhona.

121 Kuyini na? "Funani kuqala uMbuso kaNkulunkulu, nokulunga kwaKhe." Hhayi uMbuso kaNkulunkulu no "msinjwana," hhayi uMbuso kaNkulunkulu na "madlingozi amancane," hhayi uMbuso kaNkulunkulu na "*lokhu* okuncane kumbe *lokho*." Kodwa, "UNkulunkulu, nokulunga kwaKhe, khona-ke zonke lezi ezinye izinto ziyokwenezelwa kini!" Beka kuqala!

122 Manje, lowomfelokazi wakuzwa lokho. "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa ngeZwi." Wathi, owesifazane, "Lelo yiZwi leNkosi, ngokuba lowo yindoda engcwele kaNkulunkulu. Lowo ngumprofethi kaNkulunkulu, futhi ngiyazi ukuthi kuliqiniso. Nalelo yiZwi likaNkulunkulu."

123 Manje, akazange agijime awele ayobuza komakhelwane ukuthi kwenziwa kanjani. Akazange afune ukuhamba ayokwabelana eyakhe . . . futhi atshele omakhelwane, athi, "Manje, nicabangani na? Umshumayeli ungale endlini yami, esho *lokhu*. Susie, ucabangani nga *lokhu*."

124 Wangena, waqala ukuthulula. Wayeka. Wayekela anakho, ukuze athole okuningi. Yilokho okudingwa yizwe namuhla, kuyimfashini endala enhle yokudedela lokho onakho. Haleluya! Wathulula, ukuze agcwaliswe. Wathulula onke amafutha ayenawo, nawo onke amafutha ayenawo nayo yonke impuphu ayenayo, wakunika umshumayeli, kuwo uMbuso kaNkulunkulu. Futhi lapho ekuthululela konke phakathi lapho, uNkulunkulu wehla, wagcwalisa phama imbiza yempuphu, wagcwalisa phama ujeke wamafutha. Wabuye wakuthululela futhi, epuleyitini

lomshumayeli. Futhi Wehla, waphinda futhi waligcwalisa phama. Wakuthulula phakathi. Njalo uma ekuthulula, Wayekugcwalisa.

125 Ngizothi, namhlanje, uma umuntu eyothulula akhiphe wonke lombhedo wokuqhubeka, nokufanisa ubuKristu, futhi avumele uMoya oNgcwele uthathe indawo yaWo, kuyobakhona imvuselelo eyoqala e 8th noPenn Street eyoshanela izwe lonke. Yekani umbhedo. Buyelani eZwini likaNkulunkulu. Thululani, ukuze nigcwalise phama. Uyekele, noNkulunkulu uyokuvulela kuze. Wena thulula, uNkulunkulu uyofaka agcwalise. Zonke izinto eziyize, zokuthi, "Ufanele wenze *lokhu*, futhi ufanele wenze *lokho*; futhi nga wenza *lokhu* futhi nga wenza *lokho*." Khohlwa yileyonto! Kuthulule ukukhiphe emphefumulweni wakho!

126 Thana, "Nkulunkulu, makuthi mina, kusukela kulokhu ngokuphelele. . . kulolusuku, ngibe ngowaKho ngokuphelele. Nkosi, ngiza nenhliziyo eyephukileyo. Ngiza nomoya odabukileyo. NgiyaKuthanda. Uyazi ngiyaKuthanda. Futhi ngifuna ukubukhohlwa bonke lobubuwula bakho konke lokhu ukuzila izinsuku ezingamashumi amane ukubona ukuthi ngingesondele yini kuNkulunkulu, nakho konke *lokhu, lokho, okunye*, wonke lombhedo.

127 Kuyeke! Akukho lutho eZwini olukutshela ukuba uzile izinsuku ezingamashumi amane. Akukho lutho. Akukho lutho ezweni olukutshela ukuba uzile, ngaphandle uma uzotshelwa nguNkulunkulu. Uma uzila, awuzukulamba, uhambe zonke lezizinto. Uma uzilile, mfowethu, uyohlala ujabula futhi uthokoza ngasosonke isikhathi. Wathi, "Ningabonakali phambi kwabantu njengoba kwenza abazenzisi, nobuso obude, obunyukumele. 'Ngisekuzileni kwezinsuku ezingamashumi amane, amapuleyiti ami angeke esanganela. Sengehle ngamaphawondi angamashumi amathathu, futhi bangitshela ukuthi ngibukeka ngingcono emva kokuqeda lokhu.'" O, umbhedo! Kuyimimoya eyengayo kaDeveli.

128 Usukume uye e altare, bese uthi, "udumo, udumo, udumo" uze ugcine ungasasho lutho olunye, bese uthi, "Ufanele ukhulume ngezilimi ngaphambi kokuba uthole uMoya oNgcwele." Umbhedo! Thulula ukukhiphe!

129 Kukhiphe lokho enqubweni yakho bese uza eZwini likaNkulunkulu! Wathi, "Phendukani, yilowo nalowo, abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyokwamukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele." UNkulunkulu engaligcini iZwi laKhe, Akasuye uNkulunkulu. Amen. Thulula. Gcwaliswa! Amen. Wewu! Ngiyakuthanda lokho. Lelo yiZwi laKhe. UNkulunkulu washonjalo. Kunjalo. Futhi uma uNkulunkulu ekushilo,

uNkulunkulu uyokunakelela. Kulungile. Onke amalungiselelo owenzayo, konke ukuhambela enkonzweni ongakwenza . . .

130 Kufana nangezansi lapha okukhandwa khona izimoto lapho abakha khona inqwaba enkulu yezinto zokuthwala, kumbe enkulu inqwaba yezimoto zokuthwala abagibeli. Ngake ngasebenza lapho. Futhi bathatha bakhe lezozinqola ezinkulu nakho konke, bese befaka ukhuni olulukhuni, bafake imahogani yonke indawo, nakho konke kube kuhle kabi, bayibeke phandle laphaya kujantshi, futhi yayifile nya. Nakhuya kuhlezi injini, kungekho mandla kuyo, ihlezi lapho nje.

131 Ekudingayo namhlanje ngumlilo kubhayela. Ekudingayo namhlanje amandla. Elikudingayo namhlanje, ibandla, ukubilisa; into ebila ukushisa okwadlulele okukhona ukubilisa isono siphume empilweni yakho, wuthando. Futhi uma ningenakuthandana, uzomthanda kanjani uNkulunkulu Ongambonanga na? Uthando lusibekela inqwaba yesono. Thandana noNkulunkulu, khona-ke niyothandana, khona-ke uyolithanda ibandla, uyosithanda Isisusa, uyokuthanda konke okwesaba uNkulunkulu, futhi uyodeda ezintweni zezwe.

132 Imimoya eyengayo ihamba izulazula itshela abantu *lokhu lokho* kumbe *okunye*, "Bafanele benze *lokhu*. Bafanele benze *lokho*." Yingoba amahlelo livukile, futhi anesambulo esincane athi ngaso, "Kuhle, manje, ngiyakholwa ukuthi umuntu . . . ngiyakholwa ukuthi ikhona into engukumemeza, eBhayibhelini." Kunjalo. Yiqiniso lelo. Benza ihlelo kukho, "Uma umemeza, unaWo." Kodwa awunawo.

133 Olandelayo wasukuma, wathi, "Ukukhuluma ngezilimi." Kunjalo. Lokho kuseBhayibhelini. "Kuhle, uma ukhuluma ngezilimi, unaWo." Kodwa iningi labo lakhuluma ngezilimi kepha lalingenaWo. Niyabona na? AkusiWo. Qha, mnumzane.

Iningi labo lathi, "Kuhle, kufanele siprofethe."

134 Buka lababaprofethi lapha nezimpondo ekhanda labo, begxuma phansi-naphezulu futhi beprofetha. UMikhaya wathi, "Nina, nonke, niqamba amanga." Amen. Kunjalo. UNkulunkulu akafiki kanjalo. UNkulunkulu uza enhliziyweni eqotho eza nokudabuka, umoya ophukileyo. "Ohamba, ehlwanyela ngezinyembezi, ngokungangabazekiyo uyobuya ethokoza, ephethe izinyanda eziligugu." Amen. Kuthole kahle lokho, mngane.

135 Buningi kakhulu ubudemoni, amademoni esebenza emiphefumulweni yabantu! Qaphela lapho lithela khona isithelo salo. Qaphela ukuthi hlobo luni lokuphila umuntu aluphilayo. Bona indlela abanyakaza ngayo, qaphela indlela abenza ngayo, bona ukuthi izinhloso zabo yini. Kungokungenakwenzeka nje . . . Futhi uma nginitshele ukuthi, "Indlela kuphela . . . Nakhu kuhlezi izimoto, zonke zimi umugqa lapha. Izulu liseCharlestown. Ungeke wakwazi ukuhamba. Indlela kuphela

ongahamba ngayo, yimoto. Futhi wonke umuntu oweqa umugqa ufanele alethe amagalane amahlanu kapetroli. Nansi imoto yakhe, kodwa uma engenawo upetroli angeke akwazi ukuyihambisa. Awu, kunjalo impela, ngokuphelele indlela okuyiyo eZulwini. Uma ufa ungenaNkulunkulu, angikhathali ukuthi wawuphila kanjani nokuthi zingaki izimoto owazakhayo, uma uthando lukaNkulunkulu lungekho lapho ukuba lukudonsele eMbusweni kaNkulunkulu, ulahliwe.

136 Kukhona intambo kagesi ehambisa umlilo newubuyisayo. Akunandaba ukuthi lokhu ukuhamba kukagesi kuningi kangakanani lapha, uma kungenayo intambo kagesi ehlangana nomhlabathi, soze kwakhaya. Kunjalo. Ufanele ugxile njengempande, ubethelelwe othandweni lukaNkulunkulu. O, mfowethu! Hlanganisa lezozintambo zikagesi ehambisa nebuyisa umlilo ndawonye, uzobanakho ukuKhanya, okuhle ukuKhanya kweVangeli okuyimfashini endala. AKusabalale kusuka ogwini kuye ogwini. Awusoze wabanaKho ngaphandle kwakho. Akunandaba ukuthi kuningi kangakanani ukunyakaza nokugxuma ongakwenza ngentambo kagesi ebuyisa umlilo, ufanele ube nentambo kagesi ehlangana nomhlabathi ukuba ikhanyise ukukhanya. Amen.

137 Sewake wakuqaphelisisa? Beka intambo kagesi ehlangana nomhlabathi phezu kwalokhu, futhi konke nokuncanyana kubuye kuyothi ngqi phansi lapha kungene esiteshini esincane sikagesi, kwehlele emhlabathini ngqo. Futhi ngaso sonke isikhathi uma umuntu egxila njengempande futhi abethelelwe eZwini likaNkulunkulu, kumgxilisa njengempande futhi kumbethelele eKhalvari, ngaleya, lapho khona ihange, isigxobo sokubophela sikaNkulunkulu salethwa khona. Kubanga ukuKhanya kweVangeli. Amen.

138 Niyazi ukuthi yini indaba na? Abantu kulawa amakhulukazi abandayo omthetho amakhaza ezidumbu phandle lapha, beshaya sengathi bashumayela iVangeli. Umshumayeli omncane ufika kimi izolo, usonta kwelinye lamahlelo amakhulu kunawo onke kwelikhona ezweni namhlanje, ngaphandle kweKatolika. Wathi, “Mfowethu Branham, sengikhathele.” Wathi, “Bazosenza sonke sibe abashumayeli abagqoka izingubo futhi siphendule nokhololo bethu, futhi—futhi sishumayele izinto ezithize. Futhi bazositshela bona ukuthi asishumayele ngani, ikwata ngalinye.” Wathi, “Angisakwazi ukukumela.” Wathi, “Ngifanele ngenzenjani na? Kufanele ngiqale ngishumayele iVangeli na?”

139 Ngathi, “Mfowethu, inqobo nje uma usekulelohlelo, lihloniphe. Usho nje khona abayikho. Kodwa yenyuka uye egoseni lakho noma unsumpa wakho wombuso, futhi uthi, ‘Mnumzane, sengizelwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu. Nanti iZwi likaNkulunkulu. Uma uzongivumela ngishumayele Lokho, ngizohlala ebandleni lakho. Uma ungangivumeli, sengihambile. Kunike omunye umuntu.’” Yileyondlela

yokukwenza. Ungacashi obala. Ungakhombisi umoya ongemuhle. Phumela obala usho ukuthi yini. Kunjalo.

140 Wathi, "Mfowethu Branham, ucabanga ukuthi ngiyoba nalo ibandla na?"

141 Ngathi, "Lapho kukhona isiDumbu, iziNkozi ziyobuthana." Kunjalo, ziyolandela.

142 Njengendoda, okwake kwathi, yachamuselisa izinkukhu. Manje, akusilo ihlaya. Angiqondile ukuba kube yihlaya. Ngiqonde ukuba kube yiphuzu. Yayizofukamelisa izinkukhu zayo, futhi yayingenawo amaqanda enele. Yafaka iqanda ledada phansi kweyodwa. Futhi kwathi lapho onke esechanyuselwe, idada laliyinto ebukeka iyinqaba kabi izinkukhu esezake zayibona. Ngakho isikhukhukazi sasikukuza emachwaneni namachwane amancane eze, kodwa idada lalingalwazi lololimi. Kodwa, ngelinye ilanga, isikhukhukazi esidala sawaholela phandle emva kwenqolobane. Kwakukhona umfudlana ezansi emva kwenqolobane. Lapho lelodada elincane lizwa lawomanzi, lathathela libheke emanzini ngelikhulu ijubane. Isikhukhukazi esidala sathi, "kuku, kuku, kuku." Nedada elincane lathi, "honk, honk, honk." Laliqonde emanzini. Ngani na? Laliyidada, ngemvelo. Lapho lizwa amanzi, mfowethu, lalingenakuhlala ngaphandle kwawo, ngoba laliyidada.

143 Futhi ngithi namhlanje, noma yibaphi abantu ofuna ngempela ukuthola ukuNkulunkulu, bangeke bavumele ibandla libaphoqelele ngezinto abangeke baziphila, *lokho* noma *okunye*. Uma unemvelo kaNkulunkulu phakathi kuwe, uyoya ebungcweleni. Uyoya entweni efanele. Uyomela into efanele. Uyokwenza into efanele. Uyocabanga into efanele. Uyophila into efanele. Uma uyidada, uthanda amanzi. Uma ungumKristu, uthanda uKristu. Uma ungudeveli, uthanda izinto zikaDeveli. Uma unguklebe, udla izinto ezifile. Uma uyingulube, uyodla umquba. Ukuphi namhlanje na? Kunjalo. Uzisho ukuthi uphezulu lapha, udla izinto zeNkosi, bese wehla ugxile njengempande noDeveli na? Kukhona okungalungile kukho. Yekela ukulalela leyomimoya; ingodeveli. Akunandaba noma uzodingeka ume wedwa. Abesilisa nabesifazane oseke waze wafika kunoma yini, cishe, bekungabesilisa nabesifazane abama bodwa noNkulunkulu.

144 Bukani uMikhaya, ukuthi wama kanjani lapho; hhayi njengedwala laseGibraltar, kodwa iDwala lemiNyaka. Wathi, "Angiyikukhuluma lutho . . . Angikhathali ukuthi ikholiji lithini. Angikhathali ukuthi ibandla lami lithini. Angikhathali ukuthi inkosi ithini. Uma benginquma ikhanda, ngiyosho kuphela lokho uNkulunkulu akufaka emlonyeni wami ukuba ngikusho." Wayeqinisile. Wayeqinisile.

145 Futhi namhlanje, abesilisa nabesifazane, abakunaki lokho izwe elikuphathele khona, ukuthi linakuncenga kuni,

ukuthi hlobo luni lomjovo wegciwane abanawo, futhi bazisho ukuthi, "Uma ujoyina ibandla, uzoba kahle." Lowo ngumjovo wamanga. Ngani na? Usalokhu unaso isifo sesono. Kunjalo. Kodwa ngikutshela into eyodwa, mfowethu, lokho kuyokujova esonweni, lokho kungukuthi, woza eGazini eliligugu leNkosi uJesu Kristu futhi ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele, futhi lokho kuyokujova kuso sonke isono, nezifiso zakho ziyoba ngezibheke eZulwini, futhi awuyikuba nesikhathi sezinto zezwe.

Sizokhuleka.

146 Baba wethu oseZulwini, uma sibona lemimoya eyengayo phezu kwabantu, futhi sazi ukuthi yedelela izinto zikaNkulunkulu, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzobamba wonke owesilisa nowesifazane ophakathi lapha namhlanje. Lolu makube lusuku, Nkosi, abazoqonda ngalo ukuthi ukuphila kwabo akuvumelani neZwi. Futhi kade belalela into engalungile, uDeveli akade ebehlisa ngokubathunduzela ngamaphephabhuku amadala eTrue Story, umbhedo omdala obolile wezwe, nokubukwa kwezithombe ezindala ezinyakazayo nethelevishini engcolile. O Nkulunkulu, izinto ezinje ezingenakwenzeka ukuba zibukwe umKristu! Nkulunkulu, kuyasigulisa. Wathi kwaKugulisa, njengobuhlanzo. Wathi, "Inja iya ebuhlanzweni bayo, ne—nengulube iya ekuzibhixeni kwayo." Inja endala iyohlanza okuthize. Buka omdala ozelwe uhhafu, obefanele, umuntu onokuzenzisa eza e altare, futhi njengathi uzohlanza izwe; besalokhu beqhubeka, babuya ngqo baphinde bayidle lento futhi. O Nkulunkulu, hlanza iNdlu yaKho, Nkosi. Haleluya! Thumela uMoya oNgcwele nokuhlabeka okunjalo kwasendulo okuzohlanza inhliziyo yomuntu yokuthanda ukudla nokuhlanza umphefumulo wayo, futhi umhlanze umenze abe yisidalwa esibheke eZulwini. Muphe. . .Hlumelelisa ubusha bakhe nezifungo zakhe njengokhozi, ukuze akhuphuke futhi edlule izinto zalelizwe, futhi ajubalale ayongena emaZulwini ngaleya lapho angabona khona izinkathazo ziza zisekude. Siphe khona, Nkosi.

147 Wafanisa abaprofethi baKho nazo, nezinkozi, ababeneso lokhozi, bekwazi ukuya phezulu le futhi babone izinto isikhathi eside ngaphambi kokuba kufike lapho. O Nkulunkulu, busisa lelibandla elincane. Busisa lababantu abeza lapha. Busisa izihambi emasangweni namhlanje. Futhi zenze zazi ukuthi loMlayezo ubungaqondisiwe kumuntu siqu sakhe, kodwa uqondiswe kakhulu, Nkosi, kulabo abadinga ngokujulileyo; sazi ukuthi ngolunye usuku sifanele sime ndawonye ekwahluleleni kukaNkulunkulu, futhi sazi ukuthi siyobekwa icala ngokwazi iQiniso futhi singaLikhulumi. Baba, ngikhulekela ukuthi Lizosiwa kuleyo naleyonhliziyo. EGameni likaJesu.

148 Amakhanda ethu ekhotheme okomzuzwana nje, angazi noma ngabe ukhona yini lapha kulokhukusa ongathi, "Mfowethu Branham, sengikhathele yilezizintwanyana

ezindala. Nginezinto eziyize obekulenga kimi isikhathi eside. Ngi—ngihlala njalo ngikhuluma ngokungenzi ngethuba elifanele. Nge—ngenza izinto engingafanele ukuzenza, futhi ngiyakwazi. Akumfanele umKristu. Angifuni ukwenza lokho; uNkulunkulu uyazi ukuthi angifuni. Futhi angisafuni ukuphinde ngilalele lowomoya omdala. Yiyonanto ebilokhu ingicindezela yonke impilo yami, ekubeni ngibe nothando lwangempela nenkululeko kuKristu. Ngifuna ungikhulekele, Mfowethu Branham, ukuthi ku—kuzosuka kimi namhlanje." Ungasiphakamisa isandla sakho na? Onke amakhanda akhothame. UNkulunkulu akubusise. O, he, amadazini ezandla! Izintwanyana ezindala eziyize, izintwanyana ezindala ezikwenza ukhulume noma uqale olunye uhlobo lokuqophisana okuncane ebandleni, okukwenza ucheme nenye into ethize kanjalo. O, lokho kungukungamesabi uNkulunkulu. Lokho kungukungezwani phakathi kwabazalwane. Futhi ungakwenzi lokho. Awukufuni lokho. Awukufuni lokho nezintwanyana ezindala, ulakana oludala nakho konke okunye, okukwenza uhlale wehlile.

149 Thana, "Nkulunkulu, angisayifuni leyonto. Sengikhathele yiyo. Ngikulungele namhlanje ukuyilahla. Ngiyeza manje, Nkosi, futhi ngifuna ukusuka kukho konke ukuzazisa kwami. Uma umfowethu engangiphathi kahle, ngizomkhulekela noma ikanjani. Uma ubaba wami engangiphathi kahle, ngizomthanda noma ikanjani. Uma umkami engangiphathi kahle, noma indoda yami, ngizohamba-hamba, ngizithobe, phambi kukaNkulunkulu. Nkosi, ngibuka kuphela eMbusweni waKho. Ngifuna ingqondo yami iqonde ngqo. Ngifuna inhliziyo yami igcwale ukujabula. Ngifuna ukuhamba-hamba, uma inkathazo ingibhuzela ngempela, ngisalokhu ngifuna ukuhlala izandla zami ziphakeme nenhliziyo yami ihlanzekile phambi kwaKho, Nkosi, ngazi lokhu, ukuthi ngolunye usuku ngiyohlangana naWe. Ngifuna lolohlobo lolwazi. Nkosi, ngenze ngibe yilokho, kusukela namhlanje."

150 Ungasiphakamisa isandla sakho, lowo kwabangazange basiphakamise isandla sabo esikhashaneni esedlule. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Dadewethu, sinike indlela encane yeculo sisakhothamise amakhanda ethu. Ukusho ngempela kangakanani na? Ungadlali manje. Akusiso isikhathi sokudlala lesi. Yisikhathi sokwemukela lesi. Yisikhathi sokuthi uKuthole lesi. Woza, kuthulule ukulahle njengamanje. Uzokwenza na? Woza, nika uNkulunkulu konke onakho. Thana, "Nkulunkulu, anginakho okuningi kakhulu. Ngingunkosikazi omncane wekhaya nje. Angikwazi ukwenza okuningi kakhulu, Nkosi, kodwa ngi—ngingalifunda iBhayibheli laKho, ngingakhuleka nsuku zonke. Ngingalahla yonke imfucumfucu esengqondweni yami. Ngingalahla yonke leyonto. Nginecala lenqwaba yezinto ezishiwo yilowomshumayeli

kulokhukusa, ngakho ngi—ngiyakuthulula ngiyakulahla namhlanje. Angikufuni. Nkulunkulu, ngigcwalise ngothando. Ngigcwalise ngento engenza ngithande isitha esibi ukuzedlula zonke. Ngikufuna ngempela, Nkosi."

151 Esalicula lapha, ungeze yini manje futhi ume e alatare phakathi kwabo nje, sisabuthanela izwi lomkhuleko. Uma ngempela ukuqondile lokho manje, uma ngempela usuzilungiselele ukukuyeka, awusoze usuke kuleli i altare namhlanje unalokho phezu kwenhliziyo yakho, uma uzoza uqotho. Futhi uthi, "Ngenyukela lapha ukuba ngime nje, umzuzu nje, Mfowethu Branham, yebo, usenezwi lomkhuleko nami, siqu sami." Ngi—ngifuna wena uze, ukhuleke. Ungeza manje na? Amakhanda enu ekhotheme, obani abazosukuma beze e altare, bame bazungeze i altare na?

Mawungangedluli, O Msindisi omnene,
Yizwa ukukhala kokuzithoba kwami;
Lapho Ubabiza abanye,
O, ungangedluli.

Msindisi, Msindisi,
Yizwa ukukhala kokuzithoba kwami;
Lapho Ubabiza abanye,
O, ungangedluli.

152 Akunandaba ukuthi usube umKristu isikhathi eside kangakanani, futhi usalokhu unayo leyomimoya emdala emincane ekhuluma nawe, ekwenza uvuthe ulaka, ekwenza ukhulume ngomuny'umuntu. Uma kwenyuka omuny'umuntu futhi akhulume ngomuny'umuntu, wena usuke ungene ubajoyine, o, uvele nje ubenzele phansi. Lokho kubi, mfowethu. Ungakwenzi lokho. Lokho ekugcineni kuyokukhipha eZweni lesethembiso. Uma nje unezintwanyana ezindala obungafanele ubenazo, uma uthando lukaNkulunkulu ngempela lungekho enhliziyweni yakho, ungebe yinenekazi nowesilisa, wenyuke bese uthi, "Nkulunkulu, khona lapha ngizokuthulula ngikulahle, kulokhukusa, khona lapha. Ngizosuka sengingumuntu owehlukile kuleli altare." Ungeza na?

153 Sikhona yini isoni esingakaze simemukele uJesu, futhi uyazi ukuthi uyisoni, awuMazi njengoMsindisi wakho na? Uthi, "Mfowethu Branham, yebo, bengicabanga ukuthi nginenqwaba yentokozo. Ngiya emidansweni namaphathi nazo zonke lezozinto. Ngibukela izithombe zamabhayisikobho ezingafanele. Futhi ngi—ngifunda uhlobo olungafanele lwencwadi. Ngifunda izincwadi ezindala enezindaba ezinenhlamba kuyo. Ngithi nje ukukujabulela ukuyifunda." Mfowethu, kukhona okungalungile kuwe. Lokho kungokuthandwa yinhliziyo yakho; uyabo, ake ungibonise ukuthi umuntu ufundani, ungibonise ukuthi ubuka ini, ngilalele umculo awulalelayo.

154 Ngelinye ilanga, siza ngemoto, umuntu othize welula isandla wavula umsakazo wami, uhlobo oludala lomculo onenhlamba. Ngathi, "Cisha leyonto. Angifuni ukuzwa lokho." Lento endala yodum-dum bomculo wezwe.

Wathi, "Yini, ngiyathanda ukuzwa lokho."

Ngathi, "Imvelo yakho ayilungile. Awulungile."

155 Ngenkathi ngiphumile lapha, izinsuku ezimbalwa emva kwalokho, phezulu emmangweni wentaba noma emmangweni wegquma, ngidoba, nomuntu. Lezozinyoni ezincane zicula. Amanqomfi lalimpongoloza. Imartingale endala yayindiza phezulu emoyeni, noma uhlobo lwenyoni encane ehlabelela kamnandi, ihlabelela izindumiso. Ngammemeza kakhulu lowomfana, ngathi, "Buka, mfana, yilowo umculo wami. Uvule njalo lowo. Iwona msakazo wami lowo. UNkulunkulu uzehlisele ukuba zizongiculela njengoba ngilapha. Kuthunduzela umphefumulo wami."

156 Ungcono kunayo yonke lento endala yokuhlanya, lemishini emidala efakwa imali idlale izingoma iphenduka, iqhubeka, lapho ongeke ukwazi ngisho ukudla endaweni yomphakathi. Kungukudla okukhethiweyo kukaDeveli. Kuyinqwaba kaDeveli, konke kubhixwe yisono. Ngabe usumanaphanapha lapho futhi uyakujabulela lokho na? Uma befaka imali kulawomabhokisana amadala, nayoyonke leyonto engcolile endala ivela, uyakujabulela lokho na? Ngiyakudabukela. Ungumhlubuki. Ukude noNkulunkulu. Awumazi uNkulunkulu. Ukuba ubumazi uNkulunkulu, ekuthethelelweni kwezono zakho, ubungeke neze ulalele lowombhedo onjengalokho. Ubuzobe ufile kuwe. Ubuzo—ubuzokuhlanzisa. Awukufuni. Ukudla kwakho okukhethiweyo kungcono. Uthanda uNkulunkulu. Ungeze kulokhukusa, uguqe phansi lapha nalaba abavumayo kulokhukusa na?

157 Nampa abesilisa nabesifazane beguqe khona lapha, okade engumKristu iminyaka. Angibenzi abangesiwona amakristu. Kodwa engizama ukukwenza ngukubatshela ukuthi udeveli, obahluphayo, uyabasusa ekuJabuleni okugcwele. UMoya oNgcwele ungukuJabula. Awu, ngivuka ngidakiwe, ngiyolala ngidakiwe, ngidakwa usuku lonke, ngidakwe ubusuku bonke. O, nje—nje ngiyakuthanda lokho. Ngihamba ngiyodoba ngalokhu, "Mawungangedluli, O Msindisi omnene. Yizwa ukukhala kokuzithoba kwami." Ngihamba ngiyozingela, futhi ngicula izindumiso zikaNkulunkulu. Ngiyashumayela, noma yikuphi lapho engiya khona. Awufuni ukuba njalo na? Ugcwale uMoya oNgcwele, Ukuvuselela amandla. O, he! Ubezwe becula lawomaculo amadala angcolile na? Ungalicula:

Ngiqonde eZweni lesethembiso,
Ngiqonde eZweni lesethembiso;

O ubani ozoza ahambe nami na?
Ngiqonde eZweni lesethembiso.

Ngiqonde eZweni lesethembiso,
Ngiqonde eZweni lesethembiso;
O ubani ozoza ahambe nami na?
Ngiqonde eZweni lesethembiso.

Ngiyofika nini kulokho kuphumula okugcwele isibusiso,
Ngibusiseke phakade!
Ngiyobubona nini ubuso bukaBaba,
Ngiphumule esifubeni saKhe na?

Ngiqonde eZweni lesethembiso,
Ngiqonde eZweni lesethembiso;
O ubani ozoza ahambe nami na?
Ngiqonde eZweni lesethembiso.

158 Ungeze na, sihambisane na? Ngiyakhumbula ngenkathi sicishe sibe amakhulu amahlanu simi ngaleya ngenkathi ngibhaphathiza ikhulu namashumi amabili, cishe ngalesisikhathi sonyaka, ezansi lapha ezingwini zomfula, ngenkathi leyoNkanyezi yoKusa enkulu iza ikhanyisa phansi emfuleni. Haleluya! IPhimbo likhuluma livela kuYo, lathi, "Ngelinye ilanga uyosabalalisa iVangeli emhlabeni jikelele." Wayengakwenza kanjani ozihluphekelayo, omncane, umfana wasemapulazini ongazi lutho ake akwenze lokho na? Umusa kaNkulunkulu! Amen.

159 O, ubani ozoza sihambe na? Susa, lahla, konke okusindayo manje. Ungayilaleli leyomimoya eyengayo. Woza, ulalele iZwi likaNkulunkulu, ISHO KANJE INKOSI! "Babusisiwe abalamba bomele ukulunga, ngokuba bayakusuthiswa."

160 Asikhothamise amakhanda ethu manje sisakhuleka nalaba abase altare.

Bantwana abathandekayo, ngifuna nikhumbule, kulokhukusa, nilapho ukuba nilahle okusindayo. Nifanele nilahle konke okusindayo nesono esithandela kangaka kini. UPawulu wathi, KumaHeberu, isahluko 12.

> *. . .lokhu sinefu elingaka lawofakazi elisihaqileyo, masilahle konke okusindayo, nesono. . .sithandela kangaka kithi,. . .*
>
> *Ngisezakuthini futhi na? isikhathi kambe* asi. . . *ngibalisa ngoGideyoni,. . .oBaraki—oBaraki,. . . oSamsoni,. . .oJefta; oDavide. . .oSamuweli, nabaprofethi:*
>
> *Abathi ngokukholwa banqoba imibuso, basebenza ukulunga, bazuza* isithembiso, *bavimba u*mlomo wengonyama,

> *Bacima amandla omlilo, baphepha osikweni lwenkemba*, w*aphiwa amandla ebuthakathakeni*, futhi *babayiziqhwaga* . . . isitha sibaleka . . .
>
> N*abesifazane bamukeliswa abafileyo babo bevusiwe* . . .
>
> *Abanye* bathola ukuhlushwa, *ngokujivazwa nokushaywa*, . . . nangaphezu kwalokhu, *nokuboshwa nokufakwa etilongweni*:
>
> A—abanye aba*lingwa* . . . kujivazwa . . . *nokushaywa* . . .
>
> . . . *bonke befakazelwe ngokukholwa*, . . .
>
> *Labo bonke, befakazelwe ngokukholwa, abazuzanga isithembiso*:
>
> *Ngokuba uNkulunkulu wayesibonele okuhle kunalokho, ukuze bangapheleliswa ngaphandle kwethu.*
>
> *Ngalokho-ke nathi sinefu elingaka lawofakazi elisihaqileyo, masilahle konke okusindayo, nesono* . . . *sithandela kangaka kithi*, ukuze *sigijime ngokubekezela kulokhukuncintisana esikumiselweyo*,
>
> *Sibhekile kuJesu umqalisi nomphelelisi wokukholwa kwethu; owathi esikhundleni sentokozo ayibekelweyo wathwala isiphambano, engalinaki ihlazo, wahlala ngakwesokunene sesihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu.*

161 UJesu, emkhulekweni waKhe, wathi, "Baba, NgiyaZingcwelisa." UJesu uba ngongcwelisiwe, eBandleni. Wayengaganwa, kodwa Akazange akwenze. Uba ngongcwelisiwe. Wathi, "Bangcwelise, Baba, ngeQiniso. IZwi laKho liyiQiniso."

162 Manje masilahle konke okusindayo. Unolaka? Unokuthize ngawe, okukwenza ukhulume ube ungafanele ukhulume? O Nkulunkulu! Kubeke lapho manje. Kubeke lapho, qaphela uMlilo wase altare wehla futhi ukususe. Qaphela uthando lukaNkulunkulu lukukhotha konke. Qaphela konke lokhokuzazisa okudala, indlela obukhuluma ngayo nomkakho, indlela obukhuluma ngayo nendoda yakho, indlela obukhuluma ngayo nomakhelwane wakho, indlela okhulume ngayo ngabantu ebandleni, kubeke e altare kulokhukusa, noMlilo kaNkulunkulu uzokwehla ukususe khona lapho, nothando lobuNkulunkulu luzovutha endaweni yakho.

163 Unokugula na? Kubeke e altare, uthi, "Nkosi, nakhu. Dala kimi umoya ohlanzekile. Dala kimi amandla okuphulukisa." Ubone ukuthi uNkulunkulu uzokwenzani. UNkulunkulu uzokwenza kulokhukusa.

164 Baba wethu waseZulwini, sikhothama eBukhoneni baKho, ngenxa yalabo abase altare. Umusa waKho mawuphumule phezu kwalowo nalowo wabo, Baba. Manje njengoba be... Nkosi, angikwazi ukubenzela khona mina. Bazodingeka bakwenze bona. Akukho-muntu ongabenzela khona. Bazofanele bazenzele bodwa. Makuthi imiphefumulo yabo manje ithi kubo, "O Nkulunkulu, lolulaka, ngilubeka phansi lapha, Nkosi. Ngeke ngiphinde ngiluthathe. Akunandaba ukuthi kufikani noma kuhambani, ngizokuyeka, kusukela manje kuqhubeke. Lolulimi lwami obelulula ukuchema nesigejane sokuhleba, Nkosi, ngilubeka phansi lapha. Ngeke ngiphinde ngiluthathe futhi. Ngcwelisa ulimi lwami, Nkosi. Mangizwe iziNgelosi ziza zedlula, njengoba uIsaya enza ngenkathi ethi, 'Ngingozindebe zingcolile. Maye kimi!'" NeNgelosi yafika, yathatha udlawu, yase iya e altare yase ithatha amalahle oMlilo, futhi yalibeka ezindebeni zakhe futhi yamngcwelisa. Nkulunkulu, ngcwelisa wonke umkhulumi, kulokhukusa, okhuluma okubi futhi ahlwanyele ukungezwani. Siphe khona, Nkosi.

165 Zonke izifo ezikhotheme lapha kulendlu, abantu abanezifo, abaziyo ukuthi zingodeveli, nazo. Nkulunkulu, njengenceku yaKho, ngiyazithethisa, eGameni likaJesu. Sengathi zingaphuma kubobonke abantu abagulayo. Futhi sengathi wonke umuntu ongcolile, onemicabango engcolile, inhlamba, inkanuko, abesilisa nabesifazane, ngokufanayo, Nkulunkulu, kukhiphe kubo. Bonke laba lapha bezama ukuyeka osikilidi, neziphuzo ezincane zobungani, namaphathi amancane, nezinto zokuzazisa; Nkulunkulu, vuselela amandla enhliziyo yabo ngoMoya oNgcwele ngangokuthi lezozinto ngeke zisaba nesifiso. Ngeke kusaba-nandawo; usugcwele kakhulu uMoya oNgcwele, kusukela manje kuqhubeke.

166 Nkulunkulu, yenza lelibandla elincane libe yisihlahla esivuthayo. Sengathi indawo kaMoya oNgcwele, ungayenza ibe uMlilo ovuthayo, ukuze izwe liphendukele eceleni ukuba libone inkazimulo kaNkulunkulu. Nkulunkulu, qala ngalelidlanzana labantu, labathi ababe yikhulu elingangamabili lapha kulokhukusa. Siphe khona, Nkosi.

167 Hlanza yonke inhliziyo, wonke oyiMethodisti wonke oyiBhaptisti, wonke oyiKatolika, wonke oyiPresbyterian, wonke oyiPentecostal. Nkosi, kukhiphe enhliziyweni yabo, futhi mabeze kuWe namhlanje. Siphe khona, Baba. Ngibanikeza Wena, futhi ngibanikela kuWe, eGameni likaJesu Kristu, ukuba kuhlanzwe imiphefumulo yabo nokuphulukiswa komzimba wabo. Amen.

168 Angazi, e altare, usuwushiyile umthwalo wakho na? Uzizwa sengathi usubekwe lapho na? Uma uzwa ukuthi usubekwe lapho, yiba ngumahluleli. Nguwe okhulekayo. Sengikwenzile ukushumayela. Wena uyakhuleka. Ngabe umthwalo wakho ususele lapho, mfowethu, dadewethu na? Ungawushiya

ngempela lapho na? Uma ungawushiya, phakamisa isandla sakho, uthi, "Yebo, Nkulunkulu, manje ngiwushiya lapha. Umehluko wami, ngizowushiya lapha e altare." Uthini ngawo, ezansi ekugcineni kwe altare lapha, ngakwesokudla sami, nenekazi na? Ungawushiya lapho na? Ungawushiya lowomthwalo omdala ubekwe lapho na? Thana, "Yebo, ukholo lwami lubuka phezulu kuWe, Wena Wundlu laseKalvari." Sisalicula sonke kanyekanye manje.

Ukholo lwami lubuka phezulu kuWe,
Wena Wundlu laseKalvari,
O Msindisi oMkhulu;
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa lonke icala lami,
O Makuthi mina kusukela namuhla
Ngibe ngowaKho ngokuphelele!

169 Asime ngezinyawo zethu, sihloniphe ngempela, wonke umuntu. Manje lalelisisani, wonke umuntu manje. Akungahambi-muntu. Nje . . . Inkonzo ayikapheli. Ngifuna nithole lobubungcwele obuncane, isizotha esincane.

Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama
kwempilo,
Nezinsizi zanda macala onke kimi,
Yiba Wena nguMholi wami;
Yala ubumnyama busuke namuhla,
Sula izinyembezi zokudabuka,
Futhi makuthi mina kusukela namuhla
Ngibe ngowaKho ngokuphelele!

Ungaliculeli umakhelwane wakho manje. Vala amehlo akho, futhi asilicule kancane, lapho siphakamisela izandla zethu kuNkulunkulu.

Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama
kwempilo,
Nezinsizi zanda macala onke kimi,
Yiba Wena nguMholi wami;
Yala ubumnyama busuke namuhla,
Sula izinyembezi zokudabuka,
Ungangivumeli nanini ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

NginoBaba ngaphesheya laphaya,
NginoBaba ngaphesheya laphaya,
NginoBaba ngaphesheya laphaya,
Kolunye ugu.

O, ngolunye usuku lwenkazimulo ngiyomuka
ngiMbone,
Ngolunye usuku lwenkazimulo ngiyomuka
ngiMbone,

Ngolunye usuku lwenkazimulo ngiyomuka ngiMbone,
Kolunye ugu.

O, lolosuku lwenkazimulo lungaba kusasa,
Lolosuku lwenkazimulo lungaba kusasa,
Lolosuku lwenkazimulo lungaba kusasa,
Kolunye ugu.

170 Angazi manje, ukuthi bangaki konobaba kwelinye iZwe na? Ake sibone isandla sakho. Bangaki konomama kwelinye iZwe na? Ake sibone isandla sakho. Bangaki konoMsindisi kwelinye iZwe na? Ake sibone isandla sakho.

Akuyikuba umhlangano wenjabulo lowo!
Akuyikuba umhlangano wenjabulo lowo!
Akuyikuba umhlangano wenjabulo lowo!
Phezu kolunye ugu.

171 Ngifuna nenze okuthize. Manje sisalicula futhi lelo, ngifuna uxhawulane nomuntu omi ngakuwe, futhi uthi, "Mfowethu, dadewethu, ngikhulekele, ukuthi siyobonana kwelinye iZwe." Ungakwenzi ngaphandle uma ukusho ngempela. Bangaki kofuna ukuba babonane na? Bangaki kofuna ukubonana nawo wonke umuntu olapha, laPhaya na? Thina, impela siyafuna. Manje asixhawulane nje, futhi sithi, "Ngifuna sibonane, mfowethu. Ngifuna sibonane ngaphesheya." Manje sisacula leli, "NginoMsindisi ngapesheya laphaya." Kulungile.

NginoMsindisi ngapesheya laphaya,
NginoMsindisi ngapesheya laphaya,
NginoMsindisi ngapesheya laphaya,
Phezu kolunye ugu.

O, ngolunye usuku lwenkazimulo ngiyomuka ngiMbone,
Ngolunye usuku lwenkazimulo ngiyomuka ngiMbone,
Ngolunye usuku lwenkazimulo ngiyomuka ngiMbone,
Kolunye ugu.

172 Lokho akukwenzi uzizwe ukahle futhi umuhle na? "Jesu, ngigcine eduze kwesiphambano."

Jesu, ngigcine eduze . . .
Kukhona umthombo oligugu,
Ukhululeke kubo bonke, umfudlana wokuphulukisa,
Ugeleza uvela emthonj- . . . waseKalvari.

Wonke umuntu phakamisa isandla sakho manje.

Esiphambanweni, esiphambanweni,
Yiba yinkazimulo yami njalonjalo;
Uze umphefumulo wami ohlwithiwe uyothola
Ukuphumula ngaphesheya komfula.

Esiphambanweni, esiphambanweni,
Yiba yinkazimulo yami njalonjalo;
Uze umphefumulo wami ohlwithiwe uyothola
Ukuphumula ngaphesheya komfula.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
EKalvari.

Akadunyiswe uNkulunkulu!

173 Asithi ngokuthula manje nje sikhothamise amakhanda ethu. Futhi ngendlela yethu ethandekayo, asiMdumise nje izandla zethu ziphakeme, sithi, "NgiyaKubonga, Nkosi, ngokusindisa umphefumulo wami. NgiyaKubonga, Nkosi, ngokungenza ngiphile. NgiyaKubonga, Nkosi, ngakho konke Okwenzile, uletha ukukhululwa okumnandi, uletha insindiso yesihle. NgiyaKubonga, Nkosi." SiKunika umnikelo wokubonga. SiyaKudumisa ngoba Uthandeka kakhulu. UnguMnduze weziGodi, iNkanyezi yoKusa, iNtebe yaseSharoni, uKonke-kukho-Konke. UnguBaba, iNdodana, uMoya oNgcwele; OwayeKhona, OKhona, NoZayo; uAlfa omkhulu, uOmega. UNgoMangalisayo, iNkosi yokuThula, iMpande neNzalo kaDavide. Uyikho Konke! Futhi siyaKubonga, Nkosi, ngakho konke Okwenzile. SiyaKubonga ngeZwi laKho, ngokuba LingukuKhanya endleleni yethu. O, siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzosivumela sihambe ekuKhanyeni. Siphe khona, Baba. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

Kulungile. Sisathi ukuhlala phansi umzuzu. "Sizohamba ekuKhanyeni."

Sizohamb'ekuKhanyeni, ukuKhanya okuhle kangaka,
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa ekhanya khona;
Kusikhanyisa ndawo zonke, emini nasebusuku,
UJesu, ukuKhanya kwe . . .

174 Wozani, bangcwele, asilicule manje!

Sizohamb'ekuKhanyeni (ukuhlanzeka, ubungcwele), ukuKhanya okuhle,
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa ekhanya khona;
Kusikhanyisa ndawo zonke, emini nasebusuku,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

Woza, uMvume njengeNkosi yakho,
UJesu ukuKhanya kwezwe;
Zokhala-ke izinsimbi zaseZulwini,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

Wonke umuntu!

Sizohamb'ekuKhanyeni, (futhi sihamba ngomkhuleko), ukuKhanya okuhle,
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa ekhanya khona;
Kusikhanyisa ndawo zonke, emini nasebusuku,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

175 Akukwenzi uzizwe ukahle na? Bangaki kozizwa ekahle na? Phakamisa isandla sakho nje manje, uthi, "Ngizizwa ngikahle ngempela." UMoya oNgcwele usukukolobhe kwaphuma konke. Khona sizo (ini?) hamba ekuKhanyeni. Ungalaleli noma yini . . . Yini ukuKhanya na? "IZwi laKho liyiSibani." Ngakho-ke:

Sizohamba kulokhu ukuKhanya, kungukuKhanya okuhle,
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa ekhanya khona;
Kusikhanyisa ndawo zonke, emini nasebusuku,
UJesu, ukuKhanya kwe . . .

176 Manje, akumangalisi lokho na? Kubukeka sengathi nje ngeke sivale. UMoya oNgcwele usibamba nje ngqi! Anizwa ngaleyondlela na? Nje kuzwakala sengathi angisakwazi ukuqeda. Nje kubonakala sengathi nje ngeke.

IVangeli livuza igazi,
Igazi labafundi abafela iQiniso,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele livuza igazi.

Owokuqala ukufela lelicebo likaMoya oNgcwele,
Kwaba nguJohane umBhaphathizi, kodwa wafa njengomuntu;
Kwase kufika iNkosi uJesu, baMbethela,
Washumayela ukuthi uMoya uyosindisa abantu esonweni.

Kukhona uPetro noPawulu, noJohane omkhulu,
Banikela izimpilo zabo ukuze leliVangeli likhanye;
Baxubanisa igazi labo, njengabaprofethi basendulo,
Ukuze iZwi likaNkulunkulu leqiniso likhulunywe ngobuqotho.

Base bemkhanda ngamatshe uStefanu, washumayela wahlaba isono,
Wabathukuthelisa kakhulu, bamphihliza ikhanda phakathi;
Kepha wafela eMoyeni, waphuma umphefumulo,
Futhi wahamba ukuyohlangana nabanye, lesosixuku esikhulu esinikela ngokuphila.

Lilokhu luvuza igazi, yebo, Livuza igazi.
LeliVangeli likaMoya oNgcwele livuza igazi,
Igazi lababafundi abafela iQiniso,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele liqhubeka livuza igazi.

Lalelani!

Kukhona imiphefumulo ephansi kwe altare, iyamemeza, "Koze kube nini na?"
Ukuba iNkosi ijezise labo abenze okungafanele;
Kodwa kuzoba nabanye abazonikela ngegazi lokuphila kwabo
NgaleliVangeli likaMoya oNgcwele nozamcolo waLo obomvu.

Nje liqhubeka livuza igazi, haleluya,
Livuza igazi,

Ngifuna ukuba ngomunye wabo.

IVangeli likaMoya oNgcwele, Livuza igazi,
Igazi labafundi abafela iQiniso,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele livuza igazi.

177 Ngithanda ukusuka ngqo epulpiti. Amen. O, kumangalisa kanjani! Abazalwane bami benikela ngegazi lokuphila. Kuzoba nabaningi abazokwenza into efanayo. Ningakhathazeki. Kwehlela ekuhlaleni obala kwamaqiniso masinya nje. Uyoba phakathi kokuthi uyangena noma uyaphuma. Bonke bangena ngaphansi kwawo manje uMkhandlu wamaBandla, futhi wonke uzongena. Bonke babuthana baba yimbumba.

Futhi bazoba baningi abazonikela ngokuphila kwegazi labo,
NgaleliVangeli likaMoya oNgcwele nozamcolo waLo ohlanzayo.

Livuza igazi, yebo, Liyavuza, (O, haleluya!)
LeliVangeli likaMoya oNgcwele livuza igazi,
Igazi lababafundi abafela iQiniso,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele, Livuza igazi.

178 He! Ngizwa sengathi uHlwitho selulapha nje ngaphezu kwebandla. O, kungenza nje ngizizwe ngikahle kakhulu! Zonke izono zingaphansi kweGazi. Niyabo, uMoya oNgcwele uthanda

iZwi. IZwi liyilokho uMoya oNgcwele azondla ngakho, niyabo. O, he! Uyehla ube phakathi kwabantu, uhlanze izono zabo, ususe ukugula kwabo, ususe ukudunyelwa yikhanda labo. Manje ngidakiwe nje, ngidakwe ng'phelile, ngidakwe eMoyeni, uthando luphuma ludonsa enhliziyweni yami. Akunandaba ukuthi noma ubani uke wenzani, sekuthethelelwe. Isitha sakho esibi ukwedlula zonke, sekwedlule. Noma ubani oke wakhuluma noma washo nomayini, uma ngi...awu, ngi...osekuhambe konke, konke sekuhlanziwe manje.

Futhi Livuza igazi, yebo, Livuza igazi,
IVangeli likaMoya oNgcwele livuza igazi,
Igazi labafundi abafela iQiniso,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele livuza igazi.

Isikhathi esimnandi kangaka pho! Kumangalisa kangaka!

Isikhathi esimangalisa kangaka sakho,
Isikhathi esimangalisa kangaka sami;
Uma sonke sikulungela ukubonana noJesu iNkosi yethu,
Kuyoba yisikhathi esimangalisayo.

Isikhathi esimangalisayo sakho,
Isikhathi esimangalisayo sami;
Uma sonke sikulungela ukubonana noJesu iNkosi yethu,
Kuyoba yisikhathi esimangalisayo.

Niyakuthanda lokho na? Wonke umuntu, wozani!

O, isikhathi esimangalisayo sakho,
Isikhathi esimangalisayo sami;
Uma sonke sikulungela ukubonana noJesu iNkosi yethu,
Kuyoba yisikhathi esimangalisayo.

179 Ngizwa nje sengathi imvuselelo eyimfashini endala isebandleni. Anizwa nina na? Ukuhlanzwa okudala nje, ukukolojwa; esimnandi, isikhathi esimangalisayo. Anizizwa nikahle na? O!

NgoMdumisa, ngoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni.

Asilicule manje, wonke umuntu. Niyalazi na? Ngiyalazi. Woza lapha; ungisize ngokulihola, Mfowethu Neville. Nani nonke, kanyekanye manje, asiphakamise izandla zethu nje, liculeni kanye nami manje, manje, kulokhukusa.

Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
Linikeni udumo, nonke nina-bantu,
Ngokuba iGazi laLo ligeze onke amabala.

180 Manje, wonke umuntu, wozani!

NgoMdumisa, ngoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
Linikeni udumo nonke nina-bantu,
Ngokuba igazi laLo ligeze onke amabala.

Amen. Lokho kuyamangalisa na?

Muzi omhlophe wamaparele,
Nginekhaya elihle-hle, uhabhu, nomqhele,
Manje ngilindele, ngiqaphele ngikhulekela,
UMuzi omhlophe owabonwa uJohane wehla.

181 Amen. Kuyamangalisa! O! Manje asime ngezinyawo zethu, wonke umuntu. Ngiyethemba nizizwa nikahle. Nikhumbule izinkonzo kulobubusuku. Manje sifuna ukucula elethu elimnandi, iculo elidala lokuphuma.

NgeGama likaJesu siyakhothama,
Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,
INkosi yamakhosi eZulwini siyoYiqhelisa,
Lapho uhambo lwethu selufeziwe.

Kulungile. Wonke umuntu manje, kanyekanye. Kulungile.

NgeGama likaJesu siyakhothama,
Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,
INkosi yamakhosi eZulwini siyoYiqhelisa,
Lapho uhambo lwethu selufeziwe.

Gama eliligugu (Gama eliligugu), O limnandi
kangaka! (O limnandi kangaka!)
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu (Gama eliligugu), O limnandi
kangaka! (O limnandi kangaka!)
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

182 Ukusa okumangalisa kangaka! Isikhathi esimangalisa kangaka! Asikhothamise amakhanda ethu manje nje umzuzwana. Wonke umuntu akabheke ngqo kuKristu manje, uMsindisi wakho. Ngendlela ethule, ngifuna niMnike ukubonga nodumo. Nithi, "Nkosi, ngiKubonga kanjalo ngokungcwelisa umphefumulo wami. NgiKubonga kanjalo ngakho konke Ongenzele khona. UMoya waKho mawube phezu kwami usuku lonke, Nkosi. Ngihole. Ngiqondise. Ngibusise." UNkulunkulu aniphe lesosibusiso, kungumkhuleko wami.

Manje sisakhothamisa amakhanda ethu, Mfowethu Neville, sikhulule ngezwi lomkhuleko.

